# *ISAMBULO, INCWADI YEZIFANISO*

Sanibonani, bangane. Bekuyilawo mafeni angitholayo. Ngakho-ke siyajabula ukuba lapha kulokhu ukusa umzuzwana ombalwa nje, uku—ukukhuluma nani. Futhi angicabangi ukuthi uMfowethu Neville uke abe nendawo ethize emiBhalweni lapho ezoba khona noSonto sikole, ngakho-ke nje thina, mhlawumbe nje sivumele uMoya oNgcwele, njengoba sizizwa siholelekile uku—ukuqala nomapho lapho Efisa khona, noma yisiphi isahluko esizofunda kuso. Ngithi ukukuthanda ngaleyo ndlela, akukho mgudu ojwayelekile ngakho khona-ke, akukho okusemthethweni, sivele sikwemukele njengokuvela eNkosini, futhi siqhubekele phambili.

2 Futhi bengimatasatasa impela. Saba nomhlangano othandekayo eCadle Tabernacle. Futhi ingxenye ethandeka kakhulu yakho, ngaphandle kokuphulukiswa, ngokombono wami, bekuyizolo ebusuku, ukubizela e-altare, lapho amakhulu ethululeke ezansi emgqeni lapho, futhi agcwalisa phama yonke indawo ye-altare, naso sonke isikhala esiphakathi nezihlalo, naphansi naphezulu emaceleni, futhi bekungabantu beza eNkosini uJesu Kristu. Futhi leyo yinto esemqoka, empeleni, ngukubona abantu bezalwa ngokusha, beza eBukhoneni bukaNkulunkulu.

3 Futhi ngibone iqembu elincane lapha, asinalo ihlelo, noma abukho ubulungu. Sinenhlanganyelo nje omunye nomunye. Okungenayo, sishumayela iVangeli kubo.

4 Bengifuna nje ukwazisa kulokhu ukusa, abazalwane ababili ngemuva engibazi kahle kakhulu, abangani bami ababili abathandekayo. UMfowethu Sothmann, waseCanada, yena nomngane wakhe. Basuka phezulu, ngikholwa ukuthi banjalo. . .Indoda ethengisa ngoswidi, iyiphi indawo ohlala kuyo, mfowethu na? Angikwazi. . .Bese kuba umfowethu oseduze kwakho lapho. E-Iowa, kunjalo. Edla uswidi wakhe, ehla ngomgwaqo; bekufanele ngazi lapho ehlala khona, akunjalo na? Ngakho-ke sibonga kakhulu ngokuba nabo ngaphakathi namuhla, njengabangane bethu abasivakashelayo kanye nathi. Bayalungisa, ngiyacabanga, ukuqhubeka baye eCanada manje.

5 Bese kuthi-ke size ngale emhlanganweni olandelayo ozoba se, kusukela kuleli viki, engxenyeni yokugcina yaleli viki, nangamhla zingamashumi amabili nantathu, eMinneapolis, iChristian Business Men.

6 NgoLwesine ebusuku, izoba seChicago, eChicago Gospel Tab-. . .Ngikholwa ukuthi yiBandla lasePhiladelphia, ya, okwangoLwesine, ngaloluLwesine oluzayo ebusuku eChicago.

7 Namhlanje ntambama, bekufanele sibe seJunior Cash cishe ngelesibili nqo, futhi ngicabangile, uma yonke into isebenza kahle, ekubusisweni kwalelotabernakele. Futhi—futhi ngicabanga ukuthi uthe unezimungulu ezithile. Ukuthi, izwi selifikile mayelana nesimungulu esiphulukiswe e-Indianapolis, esazalwa siyisimungulu, futhi cishe sasineminyaka engamashumi amabili nesishiyagalombili ubudala, futhi asikazange sikhulume noma sizwe. Futhi baletha izimungulu ezithile lapho namhlanje ntambama. Uma nje ngingangena kukho manje ukuzikhulekela. Futhi lokho kungenye endala . . . le 3 endala, iState Road 3 endala, ngenhla nje kwaseCharlestown. Uma kungenzeka ngifike lapho.

8 Ngithole izinto ezinkulu ezikhandlayo okufanele ngigijime ukuthi ngizenze ngokushesha. Futhi ngakho-ke kusasa, ezansi, ngifanele ngehlele eKentucky ohambweni. Futhi kuthi ukungigcina ngimatasatasa. Kodwa emva kokuba sengiqedile ngalemihlangano manje, nginesikhathi esincane, ngineholide elincane. Ngizobuya cishe emavikini ayisithupha. Ngiya eCanada bese ngidlulela eWest Coast. Ngakho-ke ngikhulekeleni, nginezinqumo eziningi okufanele ngizenze ngokushesha, izinqumo ezibaluleke kakhulu, ngakho-ke ngikhulekeleni. Ngizoncika kini ukuthi ningikhulekele.

9 Manje izinkonzo kulobubusuku, njengoba umelusi wethu othandekayo, uMfowethu Neville, obehlala njalo ewugqozi. Futhi ukuze ngingene ekuseni, ngicabange ukuthi ngizovele ngingene, ngihlale phansi, ngimlalele ekhuluma. Kodwa ungumuntu oyedwa onenhlonipho enkulu, ukuthi ufuna othile nje . . . Uya "ncamela." Ngicabanga ukuthi lowo nguMbhalo, "ukuncamela omunye nomunye," niyabo. Ngi—ngiyakuthanda lokho. Futhi ngineqiniso ukuthi sonke sijabule ngoMfowethu Neville, umelusi wethu, ewulolohlobo lomuntu. Ungumuntu onjani pho, usenhliziyweni yakhe. Niyabo? Lokho, naye eziveza kanjalo, kukhombisa lokho ayikho.

10 Manje bengithi angi- . . . Awu, ngokusobala, ngisanda kuvuka cishe imizuzu engamashumi amathathu nanhlanu, ngakho-ke ngithi ukudideka lapha ngokuthi ngiqale ngani. Nginezindawo ezintathu ezikhethwe lapha emBhalweni. Ngineyodwa ezansi lapho kuPetru wokuQala, nenye eNcwadini kaJuda, nenye eSambulweni. Manje sizoqala kuphi ngalesi sikhathi na? Kwangathi iNkosi ingasisiza manje, futhi isibusise kakhulu nangokuchichimayo, njengoba sibheke kuYo.

11 Ngakho-ke, ngithemba ukuthi ifeni ayisinqamuli kakhulu izinwele zokufakelwa kunoma ubani. Ingabe iyakwenza na? Noma, ngicabanga ukuthi lokho ikakhulukazi kusepulpiti. Akunjalo, Mfowethu Cox, *lokhu* lapha na? Ya, awu, ngiyajabula ngempela. Ku—kungilimaza kakhulu, lokhu kungambhoziwe phezu kwekhanda lami. Kwangathi . . . Abesifazane babefanele babe nesembozo phezulu lapho; kodwa hhayi, ngiyacabanga,

indoda awanakho. Kwaphuma, nezimbotshana azizange zivaleke ngemuva lapho, lapho izinwele ezaphuma khona; nezinwele zokufakelwa ezincane nje, futhi ngisha izwi emizuzwini embalwa. Ngakho-ke, ngifanele ngithi ukukubheka lokho. Ukuguga kwenza okuthile kuwe, akukwenzi na?

12 O, kodwa, ake sizame iNcwadi ka . . . Ngiyesaba ukuthi ngizojula kakhulu uma ngizama ukungena eNcwadini kaJuda lapha, ngoba ise "kuphikisaneni kukaKora," futhi, "egijimela ekuphambukeni kukaBalami, futhi wabhubha ekuphikisaneni kukaKora," okungenzeka ukuthi kuzosithatha isikhathi eside. Sifuna ukukhulekela abagulayo olapha kulokhu ukusa.

13 Ake siphenye eSambulweni, futhi siqale lapho ivesi elilodwa noma amabili, ukuthola isendlalelo esincane futhi sifundise imizuzu embalwa, kuze kuphume izinganyana. Futhi sizovala futhi sibe nomkhuleko wabagulayo, khona manjalo. Manje, iNcwadi iyiNcwadi yokugcina yeBhayibheli. Futhi akukho muntu lapha . . . Yona kanye leNcwadi yathi:

> Ukuthi *kwakungekho-muntu ezulwini,* noma *emhlabeni,* naphansi *komhlaba, owaye*faneleka noma *enamandla okuyi*thatha *incwadi,* ukuyivula, noma ukuthukulula izimpawu, noma yini.

Akukho muntu, umbhishobhi omkhulu, noma kungaba ngubani; a "akafanelekile," futhi wayengenandlela yokukwenza.

> Kwase-ke kufika iWundlu, elahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, *futhi layithatha incwadi esandleni sokunene salowo ohlezi esihlalweni sobukhosi,* futhi, ngoba wayefanelekile, futhi wavula futhi wathukulula izimpawu.

14 Ngakho-ke ake siMcele nje ukuthi Uzosithukululela Lona yini kulokhu ukusa, futhi aLuvule, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje.

15 Baba wethu waseZulwini, namuhla siyabonga kuWe ngenhlanhla yokuza kuWe ngendlela yomkhuleko, nangokukholwa nokuba nokukholwa ukuthi Wena uzohlonipha noma yini esiyicelayo. Ngoba, hhayi ngenxa yokuthi siyacela, kodwa ngenxa yokuthi siyakulalela lokho Okushilo, "Cela; uyakwamukela. Aninakho, ngokuba aniceli. Aniceli, ngokuba anikholwa." Futhi, Baba, siyathanda ukuKucela, ngoba siyakholwa ukuthi sizokwemukela lokho esikucelile.

Futhi into yokuqala, Baba, ngezono zami uqobo nezono zalelibandla, kulokhu ukusa, Ngokuzithoba ngicela intethelelo yazo zonke izono zokungalaleli, nezono zokweqa, nanoma kungaba kuphi. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzohlanza izinhliziyo zethu nemiphefumulo yethu, manje nje, kubo bonke ububi, zonke izono, iziphambeko. Futhi ake uMoya oNgcwele

usenze busha phakathi kwethu uhlobo olulungile lwenhliziyo nengqondo, ukuKukhonza. Siphe khona, Baba.

Futhi sikhulekela ukuthi Uzophulukisa bonke abagulayo nabahluphekileyo, nangeZwi. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa iZwi likaNkulunkulu." Futhi sengathi uMoya oNgcwele manje ungangena futhi—futhi ubambe iZwi, uLikhiphele ngqo kulezo ezitsha, ezisezintshwa, izinhliziyo ezihlanzekile phandle lapho, futhi ukutshale lapho ngokukholwa okukhulu okuzovele kuziqhubekisele phezulu, phezulu endleleni, baze babe seBukhoneni beNkosi uJesu futhi bemukele ukuphiliswa kwabo, izibusiso abazicelayo. Ngokuba, yilokho esikuzele, ngukukhuleka kuWe, nokuKucela, nokuhlanzwa nokukalajwa, no—nokuphulukiswa, nokuhlala emuva enkonzweni futhi, Nkosi, ukuKukhonza kuwo wonke amakhona amancane Osithumele kuwo. Sicela lokhu eGameni leNkosi uJesu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

16 INcwadi yeSambulo yayiwukubekwa uphawu kobufakazi bokugcina beNkosi uJesu. Futhi yanikwa . . . Isahluko sokuqala, sizoqala kuso. Bengicabanga ukuthi mhlawumbe sizoqala kabusha kwezinye izifaniso. Manje, iNcwadi yonke ibhalwe ngezifaniso. Akukho lutho oluqondile nje ngeZwi, lapho ovele ulibeke obala khona bese uthi . . . Lingezifaniso. Futhi uNkulunkulu unendlela yokwenza lokho, nesizathu sokukwenza. UNkulunkulu akenzi lutho ngaphandle kokuthi Unesizathu ngemuva kwakho. Futhi kungaba noma ubani . . . Leli yiklasi manje. Ngabe ukhona ongaba nomcabango, isizathu sokuthi Wenza lokho na? Nakhu, ukuze Akwazi "ukukufihla emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi angakwembulela izingane zona ezizofunda." AKanawo umusa, ukusenza ngaleyondlela na?

17 Manje, uma izifundiswa ezinkulu, kanjalonjalo, zazinalo lonke—lonke iVangeli ngendlela abalibeka ngayo, sifanele nje sikhothame kulokho, khona-ke bazophumela lapha futhi benze zonke izinhlobo zamasiko nezinto, futhi siyoba nesikhathi esibi. Futhi babeLithola ngokukhuluma kwabo ngendlela yabo yesifundiswa, kuze kuba, ngani, beLizoseqa emakhanda ethu futhi besingeke ngisho sazi lutho ngaLo.

Kodwa sibonga kakhulu ukuthi owethu onomusa, uBaba waseZulwini waba nomusa kwabampofu nabangafundile, njengoba nginjalo, mina uqobo; ukungethembisa, nakuwe, ukuthi uma nje singahlala phansi futhi sibuze, ukuthi Uzozembula Yena uqobo kithi. Akumangalisi lokho na?

Zonke izivumokholo zethu nayo yonke imizwa yethu, nakho konke esinakho, konke lokho kuyengezwa nje.

18 Yinye kuphela into okumele umuntu ayenze ukuze azi uKristu, "Kholwa eNkosini uJesu ngenhliziyo yakho yonke, uyakusindiswa."

Ngakho-ke manje sinezinhlobo zemibhaphathizo futhi sinezivumokholo ezehlukene, futhi ezehlukene ezintweni esizenzayo, nezinto ezincane zimisiwe. Kodwa konke lokho kwenziwa umuntu. Lapho nje sithathe khona *lokhu* futhi saba nenkinga encane kukho, futhi *ngapha* futhi senze udaba oluncane, amaPresbyterian, namaEvangelical, namaFundamentals, kanjalonjalo, namaPentecostal, neHoliness, nabakaCalvin, futhi yonke imicabango engenabufakazi emincane ebaholayo, lapho benza izimfundiso ngalowo.

Eqinisweni, into kuphela ukuthi, "Kholwa eNkosini uJesu." "Hlolani umBhalo, YiYo efakaza ngaMi," kwasho uJesu.

19 Manje, kulula kangakanani, khona-ke, ukuthi akundaba kanjani—*ongafundile* kanjani (lokho ngukuthi, "abangafundile") noma yimuphi umuntu angaba njalo, bangaba ngcwele nje futhi bamesaba uNkulunkulu njengombhishobhi omkhulu. Niyabo? Kuyamangalisa lokho na? Akunandaba ukuthi udangele kangakanani, noma ngabe u—noma ngabe ungonamandla noma ngabe ubungaba ngihamba emgwaqeni, UNkulunkulu uthanda ngokufanayo, futhi wafela kakhulu nje isifebe njengoba Enza ngonamandla. Niyabo? Yebo. Uhamba ucabanga ngalezozinto, bese kuthi ku—kushintsha konke. Akukwenzi na? Kushintsha isimo sengqondo sonke. Kushintsha umbono wakho ngoNkulunkulu.

20 Ngezinye izikhathi, lapha, kungukuncika nje kancane ngenxa yokhetho. Futhi yingakho ngifulathele kulokhu ukusa, kuPetru, ngoba ezikhathini ezimbalwa ezedlule lapha bengishaya kakhulu ukhetho, ngicabange ukuthi mhlawumbe ngisuke kulokho kancanyanyana nje, ngoba ungacabanga. . . Angifuni ukuya embewini kungenalutho. Kodwa, into ebengiyicabanga lapha, omunye uthi, "Mfowethu Branham, uma uNkulunkulu, ukhetho, yebo, futhi uma ebizelwe okhethweni, awu, manje-ke, he, ngenze nje noma yini engifisa ukuyenza." Awu, lokho kukhombisa ukuthi awukhethwanga. Ya. Kunjalo. Niyabo?

21 Ngoba, ubungaMthanda kakhulu, ukucabanga ukuthi—ukuthi Wakuthanda kakhulu ngenkathi ungathandeki, futhi ngaphambi kokuthi ningazihlanganisi ngalutho nakho, Wakukhetha. Ungayenqaba kanjani into enjalo na? Ngani, kimina kubukeka sengathi lokho kungavele beke, lokho kungabeka ukhetho lube phezulu kakhulu kuno—kunomthetho. Kungakwenza, noma bekuyobeka umbono ongokomthetho. Ngani, bekungadlula noma yini; ukucabanga ukuthi, ngenkathi ngingathandeki, Wangithanda. Futhi ukucabanga, ngenkathi ngingenalutho engangingakwenza ngakho, Wangicosha futhi wangisindisa, ngomusa waKhe. Impela ngifanele ngibonge ngokwanele ukuba ngiMkhonze futhi ngiMthande. Niyabo?

Ngakho-ke yileyondlela esizizwa ngayo ngaYe lapho sibala izibusiso.

22 Futhi cabanga, ukuba uNkulunkulu wathi, "Manje, yilabo kuphela nje abane—nediploma yesikole samabanga aphezulu, noma okungenani iziqu amadigri amabili asekolishi, abangake babe ngumfundi waMi"? Awu, yini thina abampofu, abantu abangafundile ebesingayenza na? Noma, he, ngikhuluma nami lapho ngithi, "thina." Ngiqonde ukuthi "yami," mina nomndeni wami, niyabo. Besiyokwenzenjani na? Yini noma ubani kithi angayenza na? Yini abampofu, amakhosikazi asekhaya abengayenza na? Ukube Wathi, "Abefundisi basesontweni nje abazosindiswa, inkonzo nje, yilokho kuphela. Bonke abanye nje...Ufuna nje ukwenza isibonelo futhi abenze abantu bazame ukuphila ngendlela efanele"? Yini nina makhosikazi asemakhaya ampofu, abancane ebeningayenza, nani nonke na? Benizobe nilahlekile. Ukube Wavele wathi, "Uhlanga lwabamhlophe lwaluzosindiswa, yilokho kuphela; uhlanga lwabamnyama, uhlanga lwabasundu, uhlanga lwabaphuzi, akekho kini ohlanganisa utho kukho, nonke nilahlekile"? Bekungeke yini kube kubi lokho na?

23 Ngijabule kakhulu Wathi, "Noma ubani othandayo, akeze nje." Ukuthi, akunandaba, omusha, omdala, omncane, omnyama, omhlophe, onsundu, noma yini, woza nje, phuza emithonjeni yeNkosi, ngesihle. Akufanele ukhokhele utho ngakho, lutho. Futhi, khumbula, emva kokuba isimemo sesinikiwe, noma kunjalo angeke uze aze Akubize futhi akukhethe. Kunjalo. "Akekho umuntu ongakwazi." Lapha Uthi, "Umthombo ungesihle kuwo wonke umuntu, futhi akekho ozoza ngaphandle kokuthi uBaba waMi ambize kuqala." Bese kuthi-ke lapho uku [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti—Umhl.] ngqongqotha kufika, wayesethi, "Ngikumema ukuba uze, udle kanye naMi. Bantwana, wozani!"

24 Ungakwenqaba kanjani lokho na? Lokho bekungabukeka, kimina, njengokushoda kwengqondo, u—ukwenqaba isimemo kanjalo, emva konomusa, uBaba waseZulwini...Hhayi nje ukuba nenhlanganyelo lapha, kodwa ukusindiswa kuze kube phakade, ukuhlala kanye naYe ekuphaneni kwaKhe, ekuphaneni bomusa waKhe, nasenkazimulweni yaKhe. Futhi ukushintshana nalona omdala, umqondo wenyama ngomsulwa, ongcwele, ongcwelisiwe! Futhi ukushintshanisa lona omdala, umzimba obuthakathaka onciphayo, bese uwushintshanisa ngongafi ongasoze wehluleka! Futhi wemukele umqhele ongasoze wabuna! Futhi ushintshanise ukufa ngokuPhila! Futhi ukushintshanisa isihogo ngeZulu! Ukushintshanisa ubumnyama ngenjabulo, o, he, futhi ngiyakucela "woza"! Ungakwenqaba kanjani na? Niyabo? Ungakwenqaba kanjani na? Ku—kubi ukucabanga ngawo kanye umcabango wokukwenqaba. Akunjalo na?

25 Futhi, o, he, ngiyathanda ukubona uNkulunkulu ephulukisa abantwana baKhe, impela. Ningangizwa kabi. Kodwa isizathu esisodwa ebengisiqaphela, uma uqaphela kamuva nje, bengizama, yonke indawo lapho ngiya khona, uma ngithola isimemo, ukuba ngicindezele ekushumayeleni kancanyana. Ngehlisile ekushumayeleni kwami, futhi kubeka kakhulu ogcobweni nokusebenza e—engxenyeni yaPhakade . . . yokungaphezu kwemvelo, njalo, ukuthi, lapho, ukubona imibono. Futhi iyamangalisa, futhi ngibonga uNkulunkulu ngakho, kodwa nokho ukushunyayelwa kweZwi kuyisigidi samamayela ngaphezu kwalokho, lapho ngibona unyonga luhamba, nempumputhe ibona.

26 Ngobunye ubusuku, ngenkathi lelonenekazi elalihlezi lapho, likhubazekile yilesosifo samathambo, futhi lifa esihlalweni elalihlezi kuso. NeNkosi uJesu, ngesihawu saYo, yakhombisa umbono phezu kwalo, yalibiza ukuba liphume kulesosihlalo. Udokotela walo weza kimi egunjini lami, wayesethi, "Mfundisi Branham, ngifuna ukukubuza, wenzeni na?"

27 Ngathi, "Lutho. Kube ngukukholwa kwalo eNkosini uJesu, okukwenzile."

28 Manje sonke siyakuthanda lokho! Futhi ukuthi sikuthanda kanjani, ukubona isithulu nesimungulu, sizalwe siyithulu nesimungulu, ezweni elingakaze likhulume noma lizwe, zihlalele nje lapho njengesiqu, bese kuthi-ke ukuzwa lowo muntu esukuma futhi akhulume futhi ezwe. Kuyamangalisa lokho! Kodwa, o, akukho okufana nokubona umphefumulo olahlekile uza, ukhala izinyembezi indlela yabo eyehlela e-altare, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, isoni!" Izimungulu zizophinde zife, okhubazekile uzofa, bonke abagulayo bazophinda bagule futhi bafe. Kodwa lowomphefumulo osindisiwe, usindiselwe iPhakade, kuze kube phakade, ungalokothi ubhubhe. "Ozwa amaZwi aMi, akholwe nguYe oNgithumileyo, unokungunaphakade, ukuPhila okuPhakade; futhi awusoze wangena ekwaHlulweni, kodwa usevele wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Ngoba, babekholwa eNkosini uJesu Kristu. Amen. Kuyamangalisa lokho na?

29 O, lokho bekufanele kuhlale nje ekuphathekeni kothando obekungasabalala umhlaba wonke. Yilokho uJesu ayehlose ukuba Likwenze, iVangeli emhlabeni wonke. Lifanele liboshelwe enhliziyweni yomuntu baze bengakwazi ukulala ubusuku nemini, kuze kube yilapho abantu besindiswa khona.

30 Bheka uPawulu, "Isiboshwa," washo, "seNkosi uJesu," umJuda othunyelwe koweZizwe. Abantu bakhe bamkhipha esontweni ngokushesha lapho ephendukela koweZizwe. Niyabo? Kodwa uba yisiboshwa seNkosi uJesu.

31 Njengoba kuzoba njalo e-Afrika. Umlungu wehlisa isithunzi i—indoda eyikhaladi lapho, kuze kube lapho uma ngisho

uhlanganyela, "O, he, kubi kanjani!" Niyabo, nibabiza ngazo zonke izinhlobo zamagama, ningakholwa ngisho nokuthi banomphefumulo, abaningi babo. Futhi ukucabanga ukuthi umlungu ebizwa ngaleso sikhathi, indoda enjengoPawulu, yabizelwa ensindisweni yaleyondoda. Ngiyabonga Nkulunkulu ukuthi akukho eMelika nakwamanye amazwe amaningi, kodwa bengikulokho. Mhlawumbe kumuntu ophuzi, "Ngena kukho konke!" Futhi uPawulu wathi, "Ngiyisiboshwa seNkosi uJesu, kodwa," wathi, "Ngidumisa ukukhonza kwami eNkosini." Uthando lukaNkulunkulu lwamphoqa kanjani ukuthi ahambe phakathi kwabeZizwe abangcolile, ababecatshangelwa njenge "zinja." Kodwa uPawulu wathi, "Ngidumisa ukukhonza kwami eNkosini, ngoba Inginike ithuba lokuyokhonzisa e 'zinjeni,'" kungenjalo.

32 UJesu, qobo lwaKhe, wambheka owesifazane wabeZizwe, njengoba sinjalo, thina bantu lapha, owesifazane waseSirofenike, futhi wathi, "Akulungile ukuthatha isinkwa sabantwana usinike izinja."

33 Wathi, "Kuliqiniso lokho, Nkosi, kodwa izinja ziyavuma ukudla imvuthuluka ewa etafuleni labaniniyo."

34 Lokho kwaMthola. Lokho kwavusa uMoya oNgcwele, azi ukuthi ngokushesha amehlo abaJuda ayesezophuphuthekiswa, futhi Wayezophendukela kwabeZizwe ngalesosikhathi.

35 Ngifuna ukukunikeza imfihlo encane. INkosi ingibusisile kakhulu, futhi kuYo engimdumisayo, ngokukhulekela abagulayo. Futhi ngikubuke kuleminyaka, futhi ngithole ukuthi kuyiqiniso eliphelele. Angisoze, angisoze ngawuqeda umkhuleko wami ngize empeleni ngingene kahle enhlanganyelweni yangempela nomuntu engimkhulekelayo. Ufanele wehle futhi uzwe isimo salowo muntu.

36 Lapha kungekudala, ezansi eMexico. Empofu, indoda endala yaseMexico, emnyama, izinwele ezimpunga, namadevu ayo ampunga, yayingakaze ibe, mhlawumbe, nokudla okuhloniphekile empilweni yayo. Futhi lapho iza emsamo; umKatolika, ngokukholwa; ehambahamba, efake itshali elincane phezu kwakhe, engafakile izicathulo, izinyawo zakhe ezishwabene. Wayengicela. Futhi lapho eguqa phambi kwami, ngamphakamisa ngesandla. Wafinyelela ukuze athole ubuhlalu bakhe, nobuhlalu obudala obubukeka bugugile; wayebuhlikihle kakhulu, ukuze asho imikhuleko yakhe. Ngathi, "Lokho akudingekile, babayi. Awudingekile ukuba wenze lokho. Vele ubeke lokho eceleni, okomzuzu nje." Utolika emtshela. Wabeke esezizwa eseduze kwami. Ngathi, "Woza lapha nje, babayi. Ngifuna ukholwe eNkosini uJesu." Futhi waphakamisa izandla zakhe ezindala, wabamba amahlombe ami, wayesencikisa ikhanda lakhe ehlombe lami. Ngabuka phansi kulezozinyawo ezindala ezishwabene, zinothuli, zingcolile. Ngakhumula esinye

sezicathulo zami, futhi ngabona ukuthi sizomlingana yini. Ngangincamela ukuhamba ngingafake zicathulo kunokuba ngimbone esuka ehamba kanjalo. Niyabo, inhliziyo yami yaya kuye. Wayeyimpumputhe.

37 Manje, kukhona lapho ungena kukho ngempela. Wonke amasiko ethu azohluleka. Zonke izibonakaliso zethu zizohluleka. Zonke izipho zethu zizohluleka. "Kodwa uthando alusoze lwahluleka." Yilokho okubambayo, ukubamba ngqi.

38 Futhi ngacabanga, "Ompofu, umfo omdala, cishe iminyaka ubabayi abengaba yiyo, ukuba ubephila." Futhi ngacabanga, "Mhlawumbe unomntwana, naye, ndawana thize." Futhi wayehhumuzela into ethize, futhi umhumushi akazange anginike khona. Futhi ngabuka umfo omdala. Angikwazanga nje. . .Hhayi emehlweni ami, kodwa enhliziyweni yami, ngangingakwazi nje. . .njengamathonsi ezinyembezi eqathaka. "Empofu, into endala!" Ngacabanga, "Cishe akakaze abe nokudla okuhle empilweni yakhe; emahhadlahhadla." Futhi ngangena kanye naye, ngangena ekuhluphekeni kwakhe. Ngacabanga, "Ngaphandle kokuba mpofu, ngaphandle kwesimo sakhe nokuhlupheka kwakhe, konke lokho, nokho ezweni elimnyama, akakwazi ukubona, impumputhe." Ngacabanga, "O Nkulunkulu, ukuba-ke lowo bekungubabayi wami emi lapho na?" Ngabe-ke sengiba nomuzwa wa—wakhe. Ngathi, "Baba oseZulwini, yiba nomusa kulendoda empofu eyimpumputhe." Kwakungesikho ukukhuleka okuphuma ekhanda lami. KwakuyiNto ethize enhliziyweni yami, ngikhulekela lokho. Niyabo, uthando!

39 Futhi ngamuzwa ehamba, [UMfowethu Branham ulingisa ulwimi lwendabuko lwendoda—Umhl.] Futhi lapha abantu baseMexico, ngamashumi ezinkulungwane, babememeza kakhulu. Ngazibuza ukuthi ngabe kwakuyini. Wayememeza kakhulu, "Sengiyabona! Sengiyabona!" Lapho waphenduka wase eguqa, waqala ukuphulula izicathulo zami, ezama ukungimbambatha onyaweni. Futhi ngamvusa. Wayesegijima ehla-enyuka, umfo omdala wakhothama, empompoloza, [UMfowethu Branham ulingisa indoda ikhuluma ngolimi lwayo lwendabuko—Umhl.] "Ngiyabona! Ngiyabona!"

40 Kwakuyini na? Ngingena enhlanganyelweni kanye naye. Uthando, yilokho okukwenzayo. Akukho bunzima; olumsulwa nje, uthando olungaxutshwe nalutho. Lokho kuzokwehlula zonke izipho zokubeka izandla. Lokho kuyokwehlula konke ukuhunyushwa nokukhuluma ngezilimi. Lokho kuzokwehlula konke. . .Ngingakusho, ngamazwi amnandi okucula. Lokho kuyohlula yonke into, uma nje uzongena othandweni lukaNkulunkulu nomuntu ozama ukumzuza eNkosini uJesu.

41 "O," wena uthi, "Mfowethu Branham, angikhulekeli abagulayo. Nginomuntu . . . "

42 Kulungile, uma engasindiswanga! Ungakwakhi nje. UMoya oNgcwele wazi kangcono kunalokho. Ungabi umzenzisi. Kusho ngempela. Futhi uqala ukutadisha ngalowo mngane wakho ompofu olahlekile, uze ungakwazi ukukumela nje, imini nobusuku. Kufanele nje uye kubo ngothando. Bhekisisani ukuthi uMoya oNgcwele uzokwenzenjani. Uzomdonsela kuwe ngqo, ngaso sonke isikhathi. "Uthando lukaNkulunkulu luyasicindezela."

43 Uthi, angikaze ngifinyelele ngisho endikimbeni, futhi lapha isikhathi sokuthi ngivale; izinganyana ziyangena. Asifunde ivesi elilodwa, noma kanjani.

> *Isambulo sikaJesu Kristu, uNkulunkulu amnika sona,* . . .

44 Ngiyakuthanda lokho. Awukuthandi na? "ISambulo." Siyini isambulo na? Kuyinto ethile embuliwe. "ISambulo sikaJesu Kristu," yikho leli Bhayibheli eliyikho. LeliBhayibheli elokwembula uJesu Kristu. UGenesise wembula uKristu. U-Eksodusi wembula uKristu. O, he! Ngibuyela phakathi lapho, ngiqala ukukholwa khona manjalo, noma ngizwe lokho. UGenesise, u-Eksodusi, uLevitikusi, uNumeri, uDuteronomi, uJoshuwa, bonke, yonke into, ngisho nakuNawomi, URuthe, uJobe, bonke yisambulo sikaJesu Kristu, ukuze kuhlale kuYe ukugcwala okusibekela indawo yonke nesikhathi sonke. Futhi lonke iPhakade elikuphethe nguJesu Kristu. Futhi zonke lezizinto ezincane lapha ziyimbewu nje yaloloSuku olukhulu lomhlangano lapho uhlanga lwesintu luyokwethulwa khona, ekuvukeni, eNkosini uJesu. "ISambulo," uNkulunkulu embula.

45 Isihlahla sembula uJesu Kristu. Imbali yembula uJesu Kristu. Ukuphila okungcwelisiwe kwembula uJesu Kristu. Impela. Uthi, "Imbali yayingamveza kanjani uJesu Kristu na?" Ifa ekwindla futhi ivuke entwasahlobo. Amen. Isebenzela indawo yayo emhlabeni, futhi yenze kube kuhle. Ivula inhliziyo yayo encane *kanjalo*, futhi ithi . . . Odlula ngendlela, bheka, "O, akumangalisi yini lokho! Yeka iphunga! Yeka iphunga elimnandi, ukuhogela imbali!" Futhi inyosi iyadlula, ithi, "Ngizokhipha ingxenye yami." Umbukeli uyadlula futhi akhiphe ingxenye yakhe. Futhi akhandleke imini nobusuku, ukuze igcine imsebe, ukuze izinikele komunye umuntu. Akumangalisi uJesu wathi, "Bhekani iminduze yasendle, ukuthi ikhandleka kanjani, ayiphothi; Kepha Ngithi kini, ukuthi uSolomoni ebukhazikhazini bakhe, wayengembathile kanjalo."

46 Khona-ke, umnduze wawembula uKristu. Wabizwa, "UMnduze weSigodi, uMnduze waseSharoni." Niyakubona na?

47 Yeka umnumzane mnduze, umelusi mnduze, uyisikole esihle kakhulu . . . umfundisi weBhayibheli omuhle kakhulu, umnumzane mnduze unguye; wehlela esigodini, endaweni emnyama, waziphusha wedlula ebumnyameni bomhlaba.

Ngakho, yini okufanele yenziwe, ukuze azikhazimulise na? Ukuze akhazimulise yonke into ethintana naye. Futhi ufanele asebenze kanzima imini nobusuku ukuze agcine imisebe yakhe, ukuze agcine amakha egeleza. Uyadonswa, imini nobusuku, emhlabeni, ukuba akhiphe.

48 Yilokho umKristu wangempela akwenzayo. Wena uyakhuleka futhi uzithobe, futhi uhlale phambi kukaNkulunkulu, imini nobusuku, ukuze uzinikele komunye umuntu. Hhayi lokho okugcinayo, yilokho okunikezayo, okubalulekile. Ufanele uzinikele kwabanye. Yileyondlela uJesu enza ngayo, Wazinikela kwabanye.

49 NalesiSambulo saKhe lapha, iSambulo sokugcina esilotshiwe!

> *ISambulo sikaJesu Kristu, amnika sona uNkulunkulu, ukutshengisa izinceku okuzakwenzeka masinyane;*. . .

50 Lena yiNcwadi yokugcina, futhi Wathumela izingelosi zaKhe ukuYibonakalisa.

> . . .*wathuma ngezi*ngelosi *zakhe ukuba* akubonakalise *encekwini yakhe uJohane:*

51 He, besingakwazi kanjani ukubhekana lapho ngeviki. Qaphelani, YiSambulo, leNcwadi iyiso, e "zincekwini" zikaNkulunkulu esikhathini sokugcina, "lapho isikhathi sesiseduze," lapho leNcwadi iyokwembulwa. Manje, kuqhubeke ngale eNcwadini, sithola ukuthi iNcwadi yavalwa, futhi yavalwa ngci, futhi yabekwa uphawu, kwaze kwaba sekupheleni kwesikhathi. Kuyo yonke iminyaka baye bakuzama. Khumbulani, iBhayibheli elakhishwa esandleni sikaNkulunkulu ehlezi esiHlalweni saKhe sobukhosi, Lavalwa, futhi lavalwa ngezimpawu eziyisikhombisa ngemuva, futhi akukho-muntu emaZulwini nasemhlabeni, akukho ndawo, owayefanelekile ukuyithatha iNcwadi, noma ukuthukulula izimpawu, noma ngisho ukubuka kuyo. Kodwa iWundlu liyafika futhi laYivula.

52 Niyamkhumbula uDaniyeli na? UDaniyeli, ngesikhathi sokuphela, wabona, umbono wakhe wokugcina, ekuvaleni inkonzo yakhe; umboni-mbono.

53 Futhi bheka lapha, "wathuma ingelosi yaKhe," cishe iminyaka engamashumi ayisithupha nokunye emva kwePhentekoste, nangu Yena e "thumela ingelosi yaKhe ukuba ibonise izinto okumele zenzeke maduzane."

54 Manje, yalotshwa nini iNcwadi yeSambulo na? Indawo yokuqala, yalotshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi, Johane, kuphela ngenhliziyo egcwele uMoya oNgcwele! Niyabona na?

55 Izidalwa eziyizingelosi zihlangana ndawonye. O, ngethemba ukuthi niyakuthola lokho, lokho kuvele kwehla phansi ngqo,

ngesihle. Bhekani! Futhi uma unoMoya oNgcwele kuwe, khona-ke ungongenele ekuzihlanganiseni nomhlaba ongabonwayo nokungaPhezu kwemvelo. Akumangazi ukuthi abantu abakwazi ukukholelwa kulezo zinto, abakaze baxhumane. Abanalutho phakathi *lapha* abangakholwa ngalo. Kodwa uma uMoya oNgcwele engena enhliziyweni, ngokushesha uba u—umuntu okabili: omunye womhlaba, uba afe; nomunye waseZulwini, ukuba aphile. Amen. Emzimbeni wakhe, usengaphansi kokufa; kodwa emphefumulweni wakhe, wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Emzimbeni wakhe, unokuxhumana kwakhe kwasemhlabeni nemizwa yakhe emihlanu; emoyeni wakhe, unokuxhumana noNkulunkulu ngoMoya oNgcwele. Futhi iziNgelosi zikaNkulunkulu ziyabavakashela, zikhulume nabo, futhi ziyiziThunywa ezithunywe nguNkulunkulu ukwembula, nokuletha imiyalezo evela kuNkulunkulu iya kumuntu ngamunye. Uphume ukuze athole into yokuqala kuqala. Awukwazi ukufaka isinqongo esincane ngaphambi kokuthi kubekwe isisekelo. Niyabo? Ngakho-ke sifanele sikukhumbule lokho, sibeke izinto zokuqala kuqala! "Funani kuqala umbuso kaNkulunkulu nokulunga kwaKhe; zonke lezi ezinye izinto zizokwenezelwa kini."

. . . izingelosi ezithunywe ukuba zibonise lezi zinto . . .

56 UDaniyeli, ngenkathi evala inkonzo yakhe, umprofethi omkhulu, kwakukhona iNgelosi eyamlandela. Futhi iNgelosi yatshela uDaniyeli, yathi, "Ungothandiweyo phambi kukaNkulunkulu." Futhi, manje, uDaniyeli wayengenakukhuluma, mhlawumbe, ubuso nobuso noNkulunkulu, kodwa uNkulunkulu wathumela iNgelosi njengomxhu- . . . umxhumanisi phakathi kwakhe noNkulunkulu, ukuthi Ingakhuluma phakathi kwabo, futhi ilethe . . . *Ingelosi*, lona kanye igama elithi *ingelosi*, lisho i "sithunywa."

57 Ukuba umfana ubesemnyango, angqongqothe emnyango futhi atshele umngenisi, "Nginethelegramu lapha kaNkk. *S'bani-bani* noMnu. *S'bani-bani*." Ubeyoba yisithunywa, noma ingelosi yasemhlabeni.

58 Umelusi wenu, uma emi lapha emsamo, ekhonzisa iZwi likaNkulunkulu, uyingelosi kaNkulunkulu ebandleni, isithunywa ebandleni. Ngakho-ke umelusi akufanele neze alishiye leloZwi, kodwa ahlale eqondile neZwi, ngoba Uyondla, indawo yomelusi wezimvu. Isizathu, igama elithi *melusi* lisho "umelusi wezimvu." Libheke futhi uthole ukuthi lokho akunjalo yini. Umelusi ungumelusi wezimvu, noMoya oNgcwele umenze umbonisi phezu komhlambi othize, ukuwondla (ngani na?) iZwi likaNkulunkulu. Amen. O, he! Yini i . . .

59 Qaphelani wonke lawomagama, asho okuthize, onke amagama eBhayibhelini. Lapho ubona igama elilodwa

eBhayibhelini, lisho okuthile. Benazi yini, amakhosikazi akwa-Israyeli, ngenkathi bezala okhokho abayishumi nambili . . . Ngamunye walabo mama, ngenkathi bethola ingane, nengane yayizelwe, futhi bona bebubula; ukububula okwaphuma, futhi baqamba amagama alabo bafana. Futhi khona kanye ukububula abakunikezayo, kwakubonisa imvelo yomntwana nendawo abayokwenza indawo yabo yokuphumula yokugcina. Konke ukububula, amen, ngaphansi kwamandla kaMoya oNgcwele!

60 Yingalesosizathu sifanele ukuba sibubule eMoyeni. Manje, lokho akusho okuningi kwalokhu okugqokwayo, kodwa ngiqonde ngempela ukubeletha kweBandla. Khona-ke uMoya oNgcwele . . . Khona-ke ungathola ukukhuluma kwangempela ngezilimi nokuhumusha. "UMoya oNgcwele ephumisela, lokho akusho ngokububula nokukhuleka," kube yiqiniso langempela, futhi. Kuzoba okuthile njengamanje, ozokubona kwenzeka.

61 Khona-ke uDaniyeli, evala, ekugcineni, wabona, "INgelosi yehla, yabeka unyawo olulodwa emhlabeni nolunye phezu kolwandle, uthingo lwenkosazana phezu kwekhanda laYo. Yaphakamisa izandla zaYo, yafunga ngaYe ophila kuze kube phakade naphakade, ukuthi, 'Isikhathi ngeke sisaba khona,'" ekupheleni kwalesosikhathi ukuthi wamtshela khona. Ngamanye amazwi, lokhu, umzimba wesikhathi esiphila kuwo manje, kusukela esikhathini nokufika kweNkosi kuze kube namuhla. Futhi wathi, "Ngaleso sikhathi, imfihlakalo kaNkulunkulu iyobe ifeziwe."

62 Nezwe liyabubula, lilindile namhlanje. Abantu abayazi imfihlakalo kaNkulunkulu. Ngani? Abazange bafundiswe imfihlakalo kaNkulunkulu. Okuwukuphela kwento abayifundisiwe, "Joyina ibandla, bhala igama lakho encwadini, yiba umfo olungile, umphathe kahle umakhelwane wakho." Lokho kulungile, kodwa ufanele wazi imfihlakalo kaNkulunkulu! Akukho-muntu ongakwembula kuwe ngaphandle kwaLowo owayeneNcwadi. Futhi iBhayibheli lathi, "Akekho umuntu ongabiza uJesu 'uKristu,' kuphela ngoMoya oNgcwele." Leli elikhulu, iBandla elidala likaMoya oNgcwele lizophuma ngolunye lwalezi zinsuku futhi likhanye ngokungathi awukaze ukubone!

63 Naleliphepha elikhulu levangeli lapho ababhishobhi abakhulu nakho konke kubhala khona, umbhali omkhulu, uMackay, omunye wabakhulu kunabo bonke emhlabeni wonke, owaziwayo. Isihloko esikhulu ephepheni lakhe kule nyanga, sathi, "Uma iKatolika noma ibandla lamaProthestani like lamthola uNkulunkulu, liyohlala ezinyaweni zepentekoste futhi likufunde." Amen. UNkulunkulu akaziwa ngemfundiso yezenkolo! Waziwa ngokuZalwa okusha, ezalwa ngokusha. Ibandla lamaPentecostal lemukele futhi lakholwa, futhi alinandaba ukuthi ubani ocabanga noma yini ngakho. Bakwamukele. Manje udeveli ufake ezinye izinto mbumbulu

phakathi lapho, ukuphonsa emseleni wamanzi angcolile eceleni. Nebandla i-Evangelical likhomba emseleni wamanzi angcolile, futhi likhomba phezulu kwelangempela, eloqobo, elizelwe ngokusha, iBandla lepentecoste elinazo zonke izibonakaliso nezimangaliso. Bakhona, kodwa udeveli unobumbumbulu bakhe, iBhayibheli elathi uyoba nabo.

64 Kodwa, khumbulani, uDaniyeli watshelwa yiNgelosi. UDaniyeli wezwa imidumo eyisikhombisa. Yaphumisela amazwi ayo. UDaniyeli wadumela ipeni lakhe wase eqala ukuloba, futhi iNgelosi yathi, "Ungalobi!" Amen.

65 Senilungele na? Ake singene kukho cishe imizuzu emihlanu elandelayo. Nizokwena na? Lalelani.

66 "Ungakulobi!" UJohane wabona into efanayo, futhi kwase kulotshiwe kakade ngaphandle kweBhayibheli; futhi kwakuziMpawu eziyisikhombisa kwingemuva leNcwadi, ukuthi akukho-muntu owayengavula lezoziMpawu, lawo kwakuyilawomaphimbo. Nali iBhayibheli, lilotshiwe, eliyimfihlakalo, qobo lwaLo. Kodwa kwingemuva leBhayibheli, izambulo njengoba ziboniswe kuDaniyeli, zithi kukhona amaphimbo ayisikhombisa okufanele aphumiselwe, ukuthi akukho-muntu owayengavula, akukho-muntu owayazi ukuthi kwakuyini. Kodwa iBhayibheli lathi, futhi latshela uDaniyeli noJohane futhi, ukuthi, "Ezinsukwini zokugcina, lamaphimbo ayisikhombisa ayokwaziwa ngelangempela, iBandla leqiniso." Niyakuthola na? Niyabona lapho okungamanga nokumbumbulu kuzama ngakho konke okusemandleni abo ukugcina amadoda amakhulu ezindaweni ezinjalo na?

67 Usuku nje ngaphambi kwayizolo, ntambama, omunye wamadoda angabavangeli omkhulu kunabo bonke emhlabeni wonke, ngihlale egumbini lami, ngikhala, futhi ngemukela umbhabhathizo kaMoya oNgcwele; ukwenza amalungiselelo noBilly Graham ukuba eze endlini yami ngokushesha nje lapho efika eLouisville, Nginegama lakhe nento lapha, ukuba eze ngapha ukuzofuna futhi akhulume ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, namandla aWo. Manje, hhayi ukucaphuna lokhu. UBilly wathi, washo endaweni eyodwa, "Owesifazane emile, ekhala, enokuvuvuka komphimbo okukhulu," wathi. Futhi kukhona okwamshaya, futhi waphuthuma phambili ukuze amkhulekele. Futhi wathi, "Kwenzekeni kimi?" O, he!

68 UNkulunkulu, kulezi zinsuku zokugcina, uzodonsa izinhliziyo zeqiniso kuzo zonke izindawo. Akunandaba ukuthi kungakanani okumbumbulu namakhoba udeveli anawo, uNkulunkulu uyovusa iBandla laKhe liphume kukho ngqo. Kuzoba wukubekwa uphawu, impela njengoba ngimi kulomsamo. Futhi ihora seliseduze. Elibandayo neliyilo ngegama liyayeka. IVangeli lokuvangela nelenhlaliswano, nazo zonke lezi ezinye izinto, azisekho. Uhlangothi olumangalisayo

ukuhamba ngokushisekela okweqile okukhulu kwaze kwaba yilapho noma ubani oyimpumputhe ebengakubona. Kodwa uNkulunkulu ukhipha iBandla laKhe!

69 Njengomnduze omkhulu wamanzi. Encane, imbewu encanyana, ezalwe phansi ngaphansi kwechibi elinodaka, elinodaka, elingcolile, elinobulwembu bamaselesele. Futhi ugwinciza indlela yawo iye phezulu udlule ebumnyameni, kulo lonke udaka nakubo bonke ubulwembu. Futhi uba yinto ekhanya kunazo zonke owake wazibuka ebusweni be, okubenyezela njengomsebe welanga.

70 Linjalo neBandla likaNkulunkulu ophilayo, elizalwe phansi phakathi kokushisekela okweqile nesiphithiphithi. Kepha uzongolozela indlela yawo udlule enkucunkucwini uze ube ngaphezulu kwento manje, welula amaphiko awo ukuze undize. "Abaningi bayakugijima baye emuva naphambili; futhi abantu abamaziyo uNkulunkulu wabo bayakuxhaphaza ngalolo suku." Isambulo sikaNkulunkulu eBandleni laKhe! Hlala uthule, Mhlambi omncane, hlala lapho ukhona ngokwendawo. Njengoba uDadewethu uGertie noDadewethu u-Angie babejwayele ukucula lapha, "Qhubeka ubambelele!" Ungakhathazeki. UNkulunkulu ulindile, futhi ezama, futhi ecindezela ukungena emfihlakalweni kaNkulunkulu eyembulwe eBandleni laKhe. Yilokho okudonsela emuva ukuFika kukaKristu manje, neminyaka eyiNkulungwane enkulu, ingabe lamandla amakhulu angaphezu kwemvelo alele ethule ngempela eBandleni.

71 Amadoda amaningi emi epulpiti namhlanje ekuseni, eshumayela iVangeli lenhlaliswano, kodwa phansi enhliziyweni yakhe ukholwa ngempela. Futhi, mfowethu, unamandla okuLishumayela. Afuna ukukubona, wukufaka emandleni aLo, ebuhleni baLo. Siyabonga kakhulu ngokukubona kwenzeka! Ngijabula kakhulu ukuLibona libonakaliswa, iSambulo sikaJesu Kristu!

72 "UJesu," iBhayibheli lathi, "Unguye izolo, namuhla, naphakade." UNkulunkulu, ngomusa waKhe ongapheli. NgeZwi laKhe, hhayi into ethize eyimfihlakalo yento ethize engukushisekela ngokweqile. Kodwa ngokushunyayelwa kweZwi, Uzibonakalisa yena uQobo, ovukileyo, iNkosi uJesu ephilayo. Enza zona impela izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, Uyazenza futhi ngamandla aKhe nokubonakaliswa. "Futhi uma ngiphakanyiswa emhlabeni, Ngiyodonsela bonke abantu kiMi," izinhliziyo ezilambile, amadoda amakhulu.

73 Umhlangano omkhulu womkhandlu, kungekudala, ngo 1958. . .Ngicelwe izolo ukuthi ngimele ukusebenza kukaNkulunkulu okungaphezu kwemvelo ngaphambi kwezithunywa ezingamakhulu ayisithupha notho ezivela

emhlabeni wonke, uma uNkulunkulu elibala kuze kube ngu 1958, ukuba seBoston, eMassachusetts. Omunye wabefundisi, indoda enkulu eneVangeli elivamile, uDavid duPlessis, wathi, "Mfowethu Branham, lapho zonke izithunywa zomhlaba sezibuthene ndawonye, futhi izizwe ezingamaKristu ezivela ezindaweni zonke zibuthene ndawonye kulomkhandlu omkhulu womhlaba," wathi, "ukukhuluma kweZwi nje, namandla ukwembula uMoya oNgcwele emi ekhona," wathi, "abavangeli abavela yonke indawo bazongena."

Futhi uma bethola ukuLinambitha, neVangeli langempela, lizovala isimiselo sesikhathi sabeZizwe futhi likhishwe ekuBuyeni kwesibili kweNkosi uJesu. UNkulunkulu akanakuba nobulungisa futhi avumele izinhliziyo eziqotho zilale lapho futhi zihlale esihogweni ngenxa yakho. Ufanele abe ngolungileyo, futhi Ufanele akufikise kubo, ngandlela thize. Sisosukwini lokugcina.

> *ISambulo sikaJesu Kristu, . . . UNkulunkulu wamnika ukuba* abonise *izinceku zakhe izinto . . . kufanele kwenzeke ngokushesha; wathumela wabonakalisa ngengelosi yakhe . . .*

74 Ingelosi! Uzokubonakalisa kanjani na? UNkulunkulu wanikeza iSambulo sikaJesu Kristu encekwini, umprofethi, esiqhingini sasePatmose. "Kubonakalisa ngengelosi." Amen. Ngethemba ukuthi niyakubona. Akamangalisi na?

75 Bhekisisani ukuthi uJohane wayeyini. Masifunde elinye ivesi, futhi sizovala.

> *Owafakaza ngezwi likaNkulunkulu, . . .*

76 Wayengaphumi ekuthukutheleni kwengane okuthile, wayengahleli emuva lapho neVangeli lenhlaliswano. Wahlala neZwi ngqo. Wafakaza! Kungenzeka kanjani . . . uyafakaza ngaphandle uma iZwi libonakaliswa kulokho akushumayelayo, uma iZwi liyimbewu na? Futhi imbewu iyoveza! Ngingasho kanjani ukuthi kunensimu yommbila lapho, ngaphandle uma imbewu ikhiqiza wona kanye ummbila na? Lokhu kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UNkulunkulu wayefakazisa ngoJohane, ukuthi wayeshumayela iZwi likaNkulunkulu.

> . . . wa*fakaza . . . izwi . . . ubufakazi ngoJesu Kristu, futhi be . . . izinto* a*zibonayo.*

> *Ubusisiwe ofundayo, . . .*

77 Bangaki abafuna isibusiso na? Khona-ke Lifunde! Akumangalisi yini lokho na?

> *Ubusisiwe ofundayo, nabalizwayo* izwi ne*siprofetho, bagcine okulotshiweyo kuso: ngokuba isikhathi siseduze.*

78 O, he, uma nje singangena kukho khona manje! Bheka! Sinini isikhathi esiseduze na? Lapho iSambulo sikaJesu Kristu

sesembulwe eMzimbeni kaKristu. Futhi uKristu wembuliwe, engafile, kodwa ephila, ephila eBandleni laKhe, enza izinto ezifanayo Azenza, inkonzo efanayo, iVangeli elifanayo, isibonakaliso esifanayo, uKristu ovusiwe. Uma Embulwa ngengelosi yaKhe, eBandleni, khona-ke isikhathi sesiseduze. Futhi akukaze kube nesikhathi, kusukela ngalolosuku kuze kube yilolu, lapho imfihlakalo kaJesu Kristu yake yembulwa kuze kube yile minyaka embalwa edlule. Khona-ke, isikhathi sesiseduze!

79 Bukani umhlaba kokwemvelo yawo. I-atomu, ihayidrojini, ikhemikhali ikhobhalti, onke amabhomu nezinto abanazo; umhlaba wonke uyathuthumela. Konke, kuyavevezela futhi kuyathuthumela nje. Yonke imvelo iyabubula. Niyakwazi lokho. Ngiyakwazi lokho. IPentagon iyakwazi lokho. IRashiya iyakwazi lokho. INgilandi iyakwazi lokho. Umhlaba uyakwazi. Isikhathi sesiseduze! Yini eyenza imvelo ivevezele ngendlela eyiyo na? Ngoba isikhathi siseduze!

80 LeliBandla li, ekukhululweni kwaLo, liwumfanekiso ophelele ka-Israyeli ekukhululweni kwabo, ngenkathi u-Israyeli ethatha ukuma kwakhe phezu kwelimsulwa, elingcwele, iZwi likaNkulunkulu elimsulwa. Lalizoma futhi lithathe imashi yalo. UMose wahola abantwana bakwa-Israyeli; nesinkwa esincane, isinkwa esigxotshiwe phezu kwekhanda labo, iKosha; futhi bamasha baya oLwandle oluBomvu. Indlela yezinyawo kaNkulunkulu yabaholela phezulu oLwandle oluBomvu. “Awu,” wathi, “manje sizowela kanjani na?”

81 Futhi omunye wabheka emuva, futhi wathi, “Bheka, kuza ngaleya, uthuli luyathunqa. Kunezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zezinqola zikaFaro ngemva kwethu ngqo!” Leso sixuku esiyingxubevange esasihamba nabo, saqala ukuvevezela nokuqhaqhazela, okwalandela, ekugcineni babhubha ngokuphikasana kukaKora. Akungabazeki ukuthi yona kanye imvelo yamagquma yazamazama, izobona ukubulawa kwabantu okuchitha igazi kakhulu owake wakubona. Esimpovu, esincane, isigejane sabantu esingenakuzisiza simi lapho eceleni kolwandle. Abantwana abancane bencike kumama, futhi bebambe ingubo yakhe. Ubabayi omdala ompofu encike kumfana wabo, ekhala, ethi, “Ndodana, ngiziphilile izinsuku zami, kodwa ngiyazonda ukukubona uhamba. Buka, kuza ngaleya!” Yonke imvelo eyesaba ukufa, ngisho nezimbali, izihlahla, nakho konke okunye, yesaba ukufa. Imvelo yavevezela futhi yabubula, futhi yanyakaza ngaphansi kwezinyawo zabo, lapho bebona lokhu kubulala ngokuceka kuza.

82 Wayenzani uNkulunkulu na? Kodwa ngaso sonke isikhathi behluleka ukuqaphela, okulenga khona ngaleya kwakumi aMandla angaphezu kwawemvelo, iNdingilizi yokukhanya

kaNkulunkulu, iNsika yoMlilo ilenga lapho, eyayizoma phakathi kwabo nalesositha uma sekufika isikhathi sokuma.

83 Imvelo ivevezela, ulwandle luqala ukuthuthumela, inyanga ibheka phansi, iqhaqhazela, izinyoni zandiza zisuka enkundleni, izilwane zigijima zibuyela emuva. "O, yeka ukubulala okungapheli! Nalezo zigidi zabantu zizofa emizuzwini embalwa." Futhi babubula bonke.

84 Kodwa babenzani na? Babelandela indlela yezinyawo kaNkulunkulu. Kwakubonakala kuwubuwula, kwabonakala kuwukusangana, kodwa babehamba ekuKhanyeni. Amen. O! Ukuhamba ekuKhanyeni! Niyakhumbula ngenkathi sasivame ukucula leloculo na?

> Sizohamb'ekuKhanyeni, lokho kuKhanya okuhle,
> Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
> Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
> UJesu, ukuKhanya kwezwe.

85 Uvusiwe kwabafileyo. Ulapha phambi kwethu. Ukhombise izibonakaliso nezimangaliso, ngokungenaphutha, hhayi into ethize yokushisekela ngokweqile; kodwa isibonakaliso seBhayibheli nesimanga, ukuthi Unathi futhi Uyasihola siqhubeke. Futhi sifika endaweni.

86 Futhi lapho kulenga amabhomu, kulenga amabhomu ikhobhalti. O, he! Futhi isimemezelo siphakama manje ukumisa bonke abangakhethihlelo, futhi sihlanganisele kwelilodwa, elikhulu, ibandla labavangeli elikhulu lamaProtestani, elizosebenzisana futhi lihlanganyele nobuKatolika, ukulwa nobukhomanisi. Kungumsebenzi kadeveli. Yebo, mnumzane! UNkulunkulu akazange ahlanganise uhulumeni neBandla—Bandla ndawonye. UNkulunkulu uhola iBandla laKhe, futhi Akalindele ukuba abaholi bezombusazwe ukuba babahole, hhayi ngisho nepolitiki yebandla. Wonke umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu ukhululekile. Amen.

87 Nangu, phezulu lapha ekugcineni manje. Abantu baqala ukuqalaza, "Awu, yini esingayenza na? Yini esingayenza na?" O, kuwubuwula kanjani ukuthi, "Yini esingayenza na?" Bheka nje kuYe oholayo. Amen.

88 Sizokwenzani na? Mfowethu, wena osedlule iminyaka engamashumi amathathu ubudala. Dadewethu, nina enimpunga, nobabayi ehlezi eduze kwenu. Nina enigulayo nenihluphekileyo. Ungabheka isandla sakho. Ngaso sonke isikhathi uma nibukana, nazi into eyodwa eqinisekile, nizokufa. Njalo uma uzwa i-ambulensi yehla ngomgwaqo, iyakhuluma, "Ukufa kuphambi kwakho ngqo." Njalo uma udlula emathuneni futhi ubona ithuna, lithi, "Ukufa kuphambi kwakho." Ngaso sonke isikhathi lapho ubona imibimbi ifika ebusweni bakho,

noma izinwele ezimpunga, noma ihlombe eliqhothile, kuthi, "Ukufa kuphambi kwakho." O, kodwa yeka ukuthi umKristu angama ejabula kanjani, khona kanye osebeni loLwandle oluBomvu!

89 UMose wabhekisa ubuso bakhe kuNkulunkulu futhi uqala ukukhuleka! LeyoNsika yoMlilo yehla, yema phakathi kwabo nobungozi. Ubumnyama kubo; uma wenqaba ukuKhanya, kuzophenduka kube ubumnyama ngaso sonke isikhathi. Futhi kwaba ngubumnyama kubo; kodwa kwakungukuyala laba ukuba bamashe baqhubeke. Futhi lapho befika olwandle, ulwandle lwavuleka. Kwavela umoya wasempumalanga omkhulu uvela kuyo kanye indlela ababekuyo, uvunguza phezu kwamakhanda kaFaro, wehla futhi wabalekisela emuva ulwandle. Nolwandle lwesaba ngoba uNkulunkulu wayeyimisile indlela yezinyawo edabula entweni. UNkulunkulu wayebonisa uthando lwaKhe kubantwana baKhe. Uthanda ukukufaka endaweni eqinile ngesinye isikhathi, ukuze Azibonakalise nje Yena uqobo.

Njengoba umelusi wezimvu wake washo, we "phula umlenze wemvu."

Wathi, "Ukwenzeleni lokho na?"

90 Wathi, "Ukuze ngingakwazi ukuyondla, ngiyithande, futhi ngiyibonise ukuthi ngiyayithanda." Nakho lapho okhona. Wathi, "Khona-ke izongilandela."

> . . .*izinto okufanele zenzeke ngokushesha; futhi* . . . ukuyibonisa *ngeyakhe* . . . isandla.

> *UJohane kuwo amabandla ayisikhombisa ase-Asiya: Umusa mawube kini, nokuthula* kwande (o, he) *okuvele kuye okhona,* . . . *owayekhona, nezayo;* . . .

91 UJesu! Qaphelani, izinto ezintathu. "Owayekhona, okhona, ozayo; onguye izolo, namuhla, naphakade." Kamuva, emBhalweni, isahluko esilandelayo, Wathi . . . Esahlukweni esifanayo, Wathi:

> Ngi*nguye lowo* . . . *wayefile;* . . . futhi u*yaphila* futhi *phakade,* . . . *futhi ube nezihluthulelo* . . .

Hhayi ibandla elithize, uPetru noma ithempeli lakhe elikhulu eRoma, noma i-Episcopalian, kumbe noma ngabe kuyini, unesihluthulelo. Lokho kuyisihluthulelo senhlanganyelo.

> . . . kodwa *ngilezihluthulelo zo*kufa nesihogo. Amen.

92 O, aniMthandi namuhla na? Unesihluthulelo sentokozo yakho, Unesihluthulelo senjabulo yakho, Unesihluthulelo sokukhululwa kwakho ethuneni. "Nginesihluthulelo sokufa nesihogo, iHayidese. Ngiyakwazi ukuvula okungaphezu kwemvelo; Ngingakwazi ukuvula okwemvelo. Ngiphethe isihluthulelo sokufa nesihogo lapha esandleni saMi." O!

"Kukhona umthombo ovulekile. Woza, uthathe amanzi okuPhila, ngesihle."

> KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Limuncwe emthanjeni ka-Emanuweli,
> Lapho izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala,
> Kusuke lonke ibala lecala lazo.

93 Uma ubuya uvela Lapho, mfowethu, awudingi ukuthatha izwi likarabi, umpristi, noma umshumayeli. Enhliziyweni yakho kukhona okuthize okukuzothisayo enhlanganyelweni, kukhona into ethize eyenza ukuthi zonke izinto ezindala zidlule, nezinto lapho zibe zintsha. Kukhona okuthize okwakuthanda lapho, nento ethize esenhliziyweni yakho. UPawulu wathi, "Akukho okukhona, akukho okuzayo, noma ukugula, noma ingozi, akukho obekungake kusehlukanise nothando lukaNkulunkulu olukuKristu Jesu." Akukho ukuhleba, akukho kwenyuka, akukho kwehla, akukho lutho olunye, akukho okungake kusehlukanise nothando lukaNkulunkulu olukuKristu Jesu. Ukugula, usizi, indlala, ingxabano, ukwehlukana ebandleni, ukuhlukana kwemibono, noma ngabe kuyini, akukho okungakuhlukanisa nothando lukaNkulunkulu.

94 Awufuni ukubhukuda namuhla, sisakhuleka na? Lo dade, ungeza lapha umzuzu nje sisakhothamisa amakhanda ethu ngezwi lomkhuleko. Ngaphambi nje kokukhuleka, angazi noma omunye ebandleni, iqembu elincane lapha kulokhu ukusa, belingathi, "Mfowethu Branham, ngikhumbule. Ngiphakamisa isandla sami."

95 Ngiyaxolisa ukuthi ngidingeke ngiwunqume uMlayezo, kulokhu ukusa, ngendlela engenze ngayo. Kodwa nginemizuzu embalwa nje, ngoba ngifanele ngibe kwenye indawo ngesikhathi esifushane. Futhi enye inkonzo iqala, futhi ngifanele ngihambe khona manjalo. Futhi ngifuna ukukhulekela abagulayo ngaphambi kokuhamba.

96 Kodwa useselapha nje, ukholisekile na? Ingabe ngempela usudlulile ekufeni wangena ekuPhileni na? Ingabe igama lakho ngempela leli, ngiqonde ukuthi, belikhunjulwe ngempela na? Ingabe liseNcwadini kaNkulunkulu namuhla na? Futhi, o, ingabe unokuthula noNkulunkulu na? Futhi izwe nazo zonke izinto ezindala zidlulile, futhi yonke into isibe yintsha na? Ngabe kukhona okwangempela, kobukhosi, okucebile, ubuzalwane, okumesabayo uNkulunkulu enhliziyweni yakho, owaziyo ukuthi izwe lingeke likunikeze na?

Ingabe uzithanda kahle kakhulu izoni kangangokuthi uma ukhuluma nazo uvele ube ngomunye wazo na? UPawulu wathi wayeyonikela ngokuphila kwakhe, wayeyoba yisilahlwa, uma nje uNkulunkulu engasindisa abanye babangane bakhe abayizoni; ngamanye amazwi, abantu bakubo, amaJuda

ayemelene naye. Ngabe yilolo hlobo lwenkolo onayo kulokhu ukusa, mngane na?

Uma kungesilo, kukhona uMthombo. Wonke ugcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni ka-Emanuweli. Ngokukholwa, indlela kuphela ongakwenza ngayo, lapho izoni zibhukudisa imiphefumulo yazo ngaphansi kwalelothantala. Kungumsebenzi kaNkulunkulu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kwenzekeni na? Lisusa lonke ibala lakho lecala. Selishiywe ngemuva kwakho, njengoba impi kaFaro yasala emva kuka-Israyeli.

97 Landela umyalelo, hhayi umuzwa; imiyalelo. Ukuba uMose wayelandele imizwa yabantu, bebeyobe begijima ezintabeni zonke, beklabalasa, futhi impi kaFaro yayizobathola. Kodwa balandela umyalelo. UNkulunkulu wathi, "Yimani ninganyakazi manje futhi nibone inkazimulo kaNkulunkulu. Velani nime ninganyakazi. Anidingi ukuKuxhuxhumisa. Yimani ninganyakazi futhi nibone inkazimulo kaNkulunkulu. Ngokuba, namuhla uNkulunkulu uzolwa, futhi nizoma ninganyakazi." Bahamba nje bawela ulwandle. Kwase kuthi abangasokile, labo balingisi, bezama ukwenza njalo, baminza olwandle.

98 Baba Nkulunkulu, lona omncane, umhlambi omncanyana lapha namhlanje ekuseni, kodwa kukhona abesilisa nabesifazane bangempela abahlezi lapha abangabantwana baKho, abaKukholwayo futhi abaKuthandayo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ngenzela bona. Mhlawumbe abanye babo abakaze baKwamukele namanje, abakaze babe nolwazi lokuthi zonke izinto zenyama ezindala zezwe ziyafa, bamane baphila nje ngesivumo sebandla, batshela abantu futhi batshela abanye. Mhlawumbe babhaphathiziwe kumbe okuthize, e—esihlokweni sobuKristu, kodwa abakaze ngempela basindiswe. Abazi ngempela ukuthi kuyini. Mhlawumbe bamane nje baphatheke kabi ngokwengqondo, abazibiza ngamaKristu ngobuhlakani, becabanga ukuthi baqinisile; ngekolishi lezenkolo, lapho, "Kukhona indlela ebonakala ilungile kumuntu," kubonakala sengathi ilungile futhi uYitholile, "kodwa ukuphela kwakho kuyizindlela zokufa."

99 Nkulunkulu, makuthi wonke owesilisa nowesifazane, umfana noma intombazane, ahlole inhliziyo yabo ngalesi sikhathi; hhayi bona, kodwa makuthi uMoya oNgcwele ubahlole. Futhi uma bezokwenza ezinhliziyweni zabo, "Yebo, ngikholwa ukuthi benginephutha. Angikaze ngifinyelele kuleyondawo okwamanje, lapho zonke lezozinto zidlule khona. Manje, futhi mina, Baba, ngemukela Wena manje nje, ukuba ube usizo lwami, ngenkathi Ungqongqotha enhliziyweni yami. Usangibiza, noma Ubungeke ukhulume nami kanje."

Futhi kwangathi bangaphakamisa izandla zabo, hhayi kimi; kodwa kuWe. Futhi ngokwenza kanjalo, uthi, "Kusukela namuhla kuya phambili, Nkosi, ngiziyisa phezulu emfuleni

wokuzidela. Ngiziyisa phezulu emfuleni wokufa. Lapho ngibhukuda ngaphansi, ukulahlekelwa yiwo wonke amabala angalungile ngami; yonke imikhuba yami, nokungcola, nemicabango yami, nakho konke ukunganaki kwami, ukuxakanisana kwami, nokuxabana, nolaka, na—nazo zonke lezizinto. Ngizibhukudisa ngaphansi kwethantaka, ukuthi, uma ngikhuphuka, ngifuna ukuzwa njengoba iVangeli lathi ngifanele: ngihlanzekile, ngilungile, nenhliziyo emsulwa, uthando lwangempela ngomfo wakithi. Kungakhathaleki ukuthi banonya kangakanani, ngisabathanda. Ngifuna ukungena enhlanganyelweni naWe, ngize ngizwele izitha zami njengoba naWe wenza; ukufuna ukukwazi ngempela, Nkosi."

Ngokuba, ngeke sikwazi ukudlala ngakho manje, sekuleyithi kakhulu. Singahle sihambe ngemva kwanamuhla. Singahle sihambe ngemuva kwemizuzu emihlanu kusukela manje, ngeke siphinde sibe nalo elinye ithuba. Futhi, Nkulunkulu, abesilisa nabesifazane mabacabange ngalokhu ngesizotha, sihlezi kulelibandla elincane namhlanje, ngokuba sikucela eGameni likaKristu.

100 Futhi ngenkathi amakhanda enu esakhotheme, angazi noma kuzobakhona yini ophakamisa isandla sakho, futhi athi, "Nkulunkulu, ngikhumbule, yimina engifuna leso sehlakalo kanye naWe. Ngiphakamisa isandla sami." Manje, uma ungenaso leso siqiniseko sangempela esiqinisile, vele uphakamise isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, nawe. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Manje, wonke umuntu ongaqinisekile ukuthi wena unalo. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Manje okuthile . . . UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Awuqinisekile ngempela . . . Bheka—bheka noma nini lapho udlula, mfowethu, imvelo, konke oyikho kuyaguqulwa.

"O, yebo, ngiyakholwa, Mfowethu Branham."

101 Kodwa uma kuludaba lobuhlakani nje, uyakholwa ngoba unengqondo yokukholwa. Akukhona lokho engikhuluma ngakho manje. Ngiqonde ukuthi, usindisiwe ngempela, ubekwe uphawu ngothando lukaNkulunkulu oluPhakade, ukuthi ungabathanda abantu abangathandeki kuwe, futhi endaweni enjalo yokuthi ungama phambi kwabo, ubabambe izandla zabo, futhi hhayi—hhayi ngabashisekela ngokweqile, noma ukushisekela ngokweqile, njalo, kodwa ngenhliziyo yeqiniso ngempela, ukuze akwazi ukukuzwa. Uyazi ukuthi uyakwembatha noma qhabo. Mbambe ngesandla sakhe, uthi, "Sawubona mfowethu othandekayo. Ngi—ngi—ngibe sephutheni. Ngi—ngicela ungixolele. Ngi—ngiyakuthanda." Futhi ngalolo hlobo lwesimo sengqondo, ungakwazi ngempela ukwenza lokho ngokusuka enhliziyweni yakho na? Ungakwazi na?

Ungabeka eceleni zonke izinto zezwe, ukuMkhonza nje na? Ingabe Uba yindawo yokuqala empilweni yakho na? Uma kunjalo, busiswa, futhi izibusiso zaKhe ziyoba phezu kwakho. Uma kungenjalo, Memukele njengamanje futhi Uzokubusisa, nezibusiso zaKhe zibe phezu kwakho. Ubungeke yini ukhethe Yena ekumoyizelela na? Ngingancamela ukuthi ngibe naye Engimoyizelela, futhi wonke umuntu emhlabeni angizonde. Isizathu, ngiyakholwa, uma Engimoyizelela futhi engithanda, abantu bazongithanda, nami; bonke abantwana baKhe bazokwenza. Futhi Uyongilungisa esimweni esinjalo ngize ngithande abangathandeki, njengoba Enza, ngoba uMoya waKhe ubuyoba kimi.

102 Kanye futhi, ngaphambi kokuba sikhuleke. Uma ekhona ongakaziphakamisi izandla zabo, futhi efuna ukukhunjulwa kulomkhuleko, ungasiphakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, dade. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Kulungile lokho. Kulungile. UNkulunkulu akubusise, mfana omncane. Manje, Uyakubona. Kunerekhodi elithathwe khona ngqo kulokhukusa.

103 Makani amazwi ami. Uma ningibeka ngezigaba, futhi, okungukuthi, ngokuhlonishwa niyakusho, nangothando, ningibeka ngokwesigaba njengomboni kaNkulunkulu. Khumbulani, lokhu kusezincwadini zaseZulwini. Yena ukhona. Ubungeke yini uthande ukuhlala lapho wazi khona ukuthi izwe elingabonakali likhona kanye nawe ngaso sonke isikhathi na? Ukuqonda, uma uphumelaa lapha futhi ungena emotweni yakho, iziNgelosi zithatha izindawo zazo eceleni kwakho. Uma wenyukela ngaleya kuleyondoda, engathandeki kakhulu kuwe, ukuthi uMoya oNgcwele umi ngaphezu kwakho ngqo, neziNgelosi zikuzungezile wonke.

"Ngabe kunjalo, Mfowethu Branham na?"

104 IBhayibheli lasho njalo. "IziNgelosi zikaNkulunkulu zihaqiwe, zikanise ngakulabo." Azibuyeli eZulwini; zinkanise lapho. Zithunyelwa emisebenzini ukuze zukuqaphe ohambweni lwempilo. O, akumangalisi lokho na?

105 Manje, Baba waseZulwini, isikhathi ngeke sisivumele. Sizwa uMoya waKho uhamba nje kithi. Futhi siyaKuthanda, ngoba uMoya oNgcwele uyalithanda iZwi. Ungena eZwini, futhi Uthatha iZwi futhi uLembule, uLivule. Ngaphandle kwalokho, Wembula uJesu ngeZwi laKhe. Ngokuba, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu. Futhi uLizwi waba yinyama, onguKristu." Futhi manje iZwi liphendukela emuva ngqo liphinde lembule futhi, futhi libonakalisa uKristu ovukile, hhayi owomlando.

106 O Nkulunkulu, kwangathi iBandla lingakubona lokho, kulokhu ukusa. Kodwa yisambulo, iZwi likuletha ekuPhileni, iZwi qobo lwaLo lembula iNkosi uJesu evukileyo. Futhi Uphakathi kwethu, ulinde isikhathi size sibhekane sonke ndawonye, futhi Angasimashisa asingenise esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, sinqobe njengomnqobi ekunqobeni.

107 O Nkulunkulu, busisa labo abaphakamise izandla zabo. Bafisa leyompilo ethandekayo, egcwele, enikelwe, engcwelisiwe, egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, esinikelwe kuNkulunkulu, ehlanzwe eGazini. Bayayilangazelela. Balindile manje. Futhi sengathi Wena, ungabi ngenye indlela, kodwa kwangathi uMoya oNgcwele ungehla nje. Futhi lapho bephuma lapha, kwangathi bangathola ukuthi zonke lezozinto abake balengela kuzo sezihambile; sengathi kungashiywa ngemuva, kufile. Kwangathi bangaphuma, kulokhu ukusa, bezithobile, benomoya omuhle, amaKristu anothando anokukholwa, ekholwa. Kwangathi bangaphila ngokuzinikele kakhulu kuWe; ekupheleni kokuphila kwabo, bayokuza kuWe, benalesi siqiniseko, ukuthi bedlulile ekufeni bangena ekuPhileni, futhi bayamazi uKristu eMandleni okuvuka kwaKhe. Ngoba, hhayi uma Ewuhlamvu nje, noma igama, noma umjikelezo, noma isikhathi; kodwa ukuthi Ungephilayo, inkathi yamanje, uJesu Kristu ovukile ophila empilweni yabo. Siphe khona, Nkosi. Sikucela eGameni laKhe, nangenxa yenkazimulo yaKhe. Amen.

> Isela elalifa lajabula ukubona
> Lowo mthombo phakathi . . . (“Kuthiwani ngami na?”) . . . usuku. (Uyijabulele na?)
> Futhi kwangathi mina, nakuba ngimubi njengalo,
> Hlanza zonke izono zami.
> Hlanza zonke izono zami . . . (Ukwenze nini na? Mhlawumbe manje nje.)
> Wahlanza konke . . . (“Ya, ngaMvuma. NgaMtshela ukuthi ngiyakulangazelela.” Bese-ke Eyakuhlanza.) . . . kude;
> Futhi kwangathi mina, nakuba ngimubi njengalo,
> Ngihlanze zonke izono zami.

108 Akamangalisi Yena na? Ingabe uzizwa uhlanzekile ngempela emphefumulweni wakho, uzwa konke ukulahlwa . . . Bangaki okuzwayo lokho, ufuna ukuphakamisa isandla sakho ukuze kube ngubufakazi kumuntu ohlezi eduze kwakho. “Zonke izono zihambile. Konke kungaphansi kweGazi manje. Ngizizwa ngikahle ngempela ngakho. Ngakholwa eNkosini uJesu.”

> Kusukela ngokukholwa ngabona lowomfudlana . . . (Kanjani na?)
> Ngokukholwa ngawubona lowomfudlana

Amanxeba aKho agelezayo anikezela,
Uthando oluhlengayo beluyindikimba yami,
Futhi luyoba yiyo ngize ngife.

Kulungile, sonke kanyekanye manje.

Selokhu kwathi ngokukholwa ngawubona lowomfudlana
Amanxeba akho agelezayo anikezelayo,
Oluhlengayo . . . (hhayi *amagama*, hhayi *izinto*) . . . beluyindikimba yami,
Futhi luyoba yiyo ngize ngife.

Futhi luyoba yiyo ngize ngife,
Futhi luyoba yiyo ngize ngife;
Uthando oluhlengayo beluyindikimba yami,
Futhi luyoba yiyo ngize ngi . . .

Maphansi, uma uthanda, dadewethu.

109 Izoba yini indikimba yakho na? "Lapho kukhona izilimi, ziyonqamuka; lapho kukhona ukuprofetha, kuyakwehluleka; lapho kukhona ukwazi, kuyakunyamalala. Siyazi inxenye, sibona inxenye, siprofetha inxenye. Kodwa lapho sibona, ubuso nobuso, khona-ke niyokwazi njengoba saziwa. Nxa okupheleleyo sekufikile, okuyinxenye kuyakuqedwa ngakho; oluphelele, oluhlengayo, uthando lukaMoya oNgcwele olungaxutshanisiwe, lungene emphefumulweni womuntu osedlule ekufeni wangena ekuPhileni."

110 O, ngizizwa ngikahle ngempela. Aninjalo na? Bangaki abathanda ukucula nami iculo elidala kanye nami na? Ungathanda ukukwenza na? Lelo esasijwayele ukulicula eminyakeni edlule lapho kwakungekho lutho ngaphandle kwemvuthu yesaha esontweni. Kungene wonke umuntu, ahlale phansi, kungekho kukhuluma, wonke umuntu ethule nje njengoba babengabanjalo, ehlezi, ezindla. Umdlali wopiyano wayephuma. Ngangiba segunjini lomkhuleko, ngatadisha. Liyaphuma:

Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami afela khona,
Ezansi lapho ngakhalela ukuhlanzwa esonweni;
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

111 Niyazikhumbula lezozinsuku na? UMoya oNgcwele wawehla ngalobo bumnene nothando, ukholise izoni, futhi zaziza esiphambanweni. Asivele silicule manje, sonke. Bangaki olaziyo na? Asilicule manje, ngendlela yesitayela esimfashini endala manje. Kulungile.

. . . esiphambanweni lapho uMsindisi wami afela khona,
Ezansi lapho ngakhalela ukuhlanzwa esonweni;
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

Udumo eGameni laKhe, eliyigugu . . .
Udumo eGameni laKhe eliligugu!
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

Angazi uma ungavele ukhothamise ikhanda lakho umzuzu.

Ngisindiswe ngokumangalisayo esonweni, (Ngabe wena?)
UJesu uhlala kamnandi ngaphakathi,
Lapho esiphambanweni lapho Angingenisa khona; (O, he!)
Udumo e . . .

Manje khothamisani amakhanda enu nje futhi nikhuleke.

Bese-ke, inkazimulo kwelaKhe . . .

112 Cabanga ukuthi ube muhle kangakanani kuwe, izilingo eziningi odlule kuzo. Ngenkathi inganyuana encane yayigula, uNkulunkulu wayiphulukisa. Ngenkathi wena ulele lapho esibhedlela, umuthi osetshenziselwa ukuthulisa izinhlungu ukulindile, kwenzekani na? Ubani owakuletha na? "NgiyiNkosi ekuphilisayo." Khumbula ukuthi utheni lapho uqala ukungena egunjini na? Khumbula ngenkathi ucabanga ngalobobusuku owawunabo . . . unokuhlaselwa yinhliziyo na? O Nkulunkulu! Wenzani?

Udumo eGameni laKhe eliligugu!
Udumo eGameni laKhe eliligugu!
Lapho esiphambanweni lapho Angithatha khona, (wakuthatha ezwini lakho)
Udumo eGameni laKhe!

Manje ake silihamishe. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha *Udumo eGameni laKhe—Umhl.]*

113 Manje finyelela ngqo kumuntu ohlezi eduze kwakho, ubambe isandla sakhe, uthi, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, dade. Ngijabula kakhulu ukuthi ngingumKristu. Awunjalo wena na?" Xhawulana nothile ohlezi eduze kwakho.

Lapho esiphambanweni lapho Angifaka khona;
Udumo eGameni laKhe!

114 Ngi—ngiyathanda nje ukuzizwela ngalendlela. Ngiyathanda ukukhonza uNkulunkulu ngokuthula kanje. Okuthile okunencazelo yangempela kukho. Ukuzwa nje ukuthi Okuthile kuseduze! Kwenzenjani na? Ekubizeleni e-altare, ngenkathi lezozoni zemukela uKristu, iziNgelosi zavuka ezihlalweni zazo. Niyabo, yilokho okukwenza uzizwe ngalendlela. Uyakukholwa lokho, Mfowethu Hickerson na?

O, udumo . . .

Lokhu ukukhonza, lapho umphefumulo ukhonza uNkulunkulu. IZwi seliphumile, niyabo. UMoya oNgcwele uyabusisa futhi uyanisela manje.

. . . Gama eliyigugu!
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

115 UBaba wethu waseZulwini, njengobuhle, uBukhona obungcwele bukaMoya oNgcwele manje emi lapha ebusisa abantwana baKhe, izikhathi eziningi Ubefanele abaqondise, "Ngokuba yonke indodana eza kuNkulunkulu, imelwe ukulaywa kuqala futhi ivivinywe, yemukele ukuqeqeshwa komntwana, isolwe," akukho okungehlukile; wonke umuntu. Kepha lapho sibekezelela ukuqondiswa nguBaba wethu, khona-ke kuveza isithelo samanje nesimnandi. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzovele wazise umntwana ngamunye lokho. Ungasuki, ukucabangela nje, kodwa ubazise ukuthi lezi yizibusiso zaKho kubo. Ubisi oluqotho lweVangeli, luthululeka phansi emiphefumulweni yabo, ubisi nezinyosi ziphuma eZweni laseKhenani, iwayini elisha ukuze libahlumelelelise ekukholweni; ukukhonza, izinhliziyo zikhotheme phambi kwaKho, izandla ziphezulu, izinyembezi zehla ezihlathini, buthule, bekhuleka ngenhlonipho yokuzithoba.

116 O Nkulunkulu, ngijabule kakhulu! NgiKuthanda kakhulu nje, Nkosi! Ngifuna ukuzwakalisa kuWe umuzwa wami, uma ngingakwazi, ngokubonga nje, ngizwakalisa khona kanye ukudumisa kwenhliziyo yami, ukuthi ngiyaKwazisa, Wena Ongenakuqhathaniswa. Ngiyakuthanda Wena. Izikhathi eziningi, ezivivinyweni ezinkulu, ukubona indiza igxuma emoyeni, iwa, isonteka ngapha nangapha; futhi ngibheke phansi ngaphansi kwami, ukuvunguza; umkhuleko omncane nje, futhi iyaqonda; wazi ukuthi uzobhukuda ekufeni ngomzuzu nje. Ngimi ngaleya phambi kwezinyanga bathakathi nodeveli, bona bephonsela inselele futhi beqhubekela phambili; umkhuleko omncane nje, ubahlalise bemile, bekhubazekile.

Amadimoni akhala kanjani futhi aphume ebantwaneni baKho, ngomkhuleko. O, uthando lwaKho, Nkosi! Ubone abancinyane, ogulayo, eza, athi, "Babayi ungangikhulekela na?" Ukubona Wena usalokhu umkhuhlane, uthulise

umntwana, njengomama emushushuzela esifubeni sakhe. SiKubonga kanjani! Mhlawumbe inkathazo iyeza. Siyazi, njengoba sibheka phambili futhi sibona amakhulu, amagagasi okufa anesiphepho ngaleya. Njengoba uDavide wasendulo athi, "Angiyikwesaba okubi, Wena unami." SiyaKubonga. Sazisa Wena. Sibona imiphefumulo iza kuWe; izinyonga, nabahluphekileyo, nezimpumputhe, izithulu, nezimungulu ziphiliswa, njengokuqinisekiswa koBukhona baKho.

117 Busisa lezethameli ezincane manje njengoba silindile. SiyaKubonga ngawo wonke umphefumulo oza kuWe. Futhi sikhulekela ukuthi Uzobabusisa ngokwedlulele, ngokuchichimayo namhlanje. Futhi kwangathi, kusukela kulolusuku kuqhubeke, yonke izivivinyo zabo nezinkathazo kuzophela; sengathi impi phakathi kwabo noNkulunkulu ingaxazululwa khona manje, futhi babuyisane noNkulunkulu ngeGazi leNdodana yaKhe, azi ukuthi Wanikela ngeNdodana yaKhe ukuba ilwe phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, ukubuyisa umuntu abuyele kuNkulunkulu, owayekade enobutha noNkulunkulu, kodwa manje usesondele, futhi uNkulunkulu ubamukele njengamadodana namadodakazi aKhe. Manje abasezona izitha nabafokazi, kodwa sebengabantwana abathandekayo. Sikhulekela ukuthi Uzobavumela bakubone lokho. Ungavumeli isitha sikususe lokho enhliziyweni yabo. Kodwa mvumele, bavumele baqonde ukuthi Wena uye wangqongqotha enhliziyweni yabo futhi baKwemukela, baphakamise izandla zabo. Kwakuyilokho-ke, Nkosi. Futhi sikhulekela ukuthi bazokubona lokho futhi baKuthande njalo futhi bathande umfo wabo. ngokuba sikucela eGameni likaKristu. Amen.

Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Sizohamba kulokhu kuKhanya,
KungukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
O Jesu, ukuKhanya kwezwe.

Wozani, nina bangcwele bokukholwa,
nimemezele,
UJesu, ukuKhanya kwezwe;
Khona-ke izinsimbi zaseZulwini zizokhala,
UJesu, ukuKhanya kwe . . .

NiyaMthanda na? Asicule manje, singacula na?

Sizohamba kulokhu kuKhanya,
KungukuKhanya okuhle kangako,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
ekhanya khona;

Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

118 Ngicabanga ukuthi ngisanda kugcwala imvuselelo. O, asilicule futhi. Nizolicula na? Asivale amehlo ethu futhi siphakamise izandla zethu. ECanada, noma ngabe uvelaphi; leli qembu elincane labantu lapha livela ezingxenyeni ezahlukene zesizwe. Asilicule manje, sivale nje amehlo ethu, siphakamise izandla zethu.

Sizohamba kulokhu kuKhanya, kungukuKhanya okuhle kangaka,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa nxazonke emini . . . (O Nkulunkulu!)
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Lifake endleleni umzuzu nje, dadewethu.

119 ETestamenteni eliDala, WayeyiNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli. Lowo kwakunguKristu, iNgelosi yesivumelwano. Wonke okwaziyo lokho, yithi, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

120 ETestamenteni eLisha, Wazibonakalisa qobo lwaKhe enyameni, ukususa isono, ukusibuyisela ekubeni ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

121 Ngolunye usuku, ezansi emgwaqeni, kufika omncane, umJuda omdala oyisiqenqe, futhi wayehla ukuyobopha labobantu ababekhala, futhi bedumisa uNkulunkulu, futhi beprofetha. Futhi wahlangana nani na? UkuKhanya okuhle. UJesu ukumuphi uMzimba manje na? UkuKhanya, iNsika yoMlilo efanayo Ayeyiyo ekuqaleni. Wahlangana noSawulu waseTarsu, nokuKhanya kwasondela kakhulu kuye, emehlweni akhe, kwaze kwamphuphuthekisa, wathi, "UNgizingelelani na?" Wathi, "Yini, Nkosi na?" Wathi, "NginguJesu."

122 Namuhla, Nangu, Unathi. Size sibe nesithombe saKhe nathi. Ingabe Uyathandeka na? "Unguye izolo, namuhla, naphakade." Khona-ke sizothini na?

Sizohamba ekuKhanyeni, (Ubonakalisa iZwi laKhe. Uyaphila.), ukuKhanya okuhle,
Kuza lapho amazolo . . .

Manje abagulayo mabakhuphuke bazungeze i-altare manje, abafuna ukukhulekelwa.

Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwe . . .

Ngifuna udlale, *INyanga ENkulu*.

123 Kukhona okufika engqondweni yami. Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi enkonzweni, ngangikhulekela abagulayo.

Futhi kwakukhona inenekazi elaletha emsamo intombazane encane ekhubazekile. NoMoya oNgcwele wawukhona. Futhi bona. . .Manje, sizoqeda nje emizuzwini eyishumi elandelayo. Futhi baletha intombazane encane ekhubazekile, futhi yayino—novendle oluncane, bathi kwakuthiwa ukukhubazeka, ukukhubazeka kwezinsana. Futhi imilenze yayo emincane yayifinyekile, futhi yayingakwazi ukuhamba. Niyazi ukuthi ngangikuphi nalenkonzo yokuphilisa na? Njengoba kubonakala kuyinqaba, kwakusemhlanganweni waseDunkard, eDunkard, hhayi iPentecostal; iDunkard. Akekho owayazi ukuthi ngilapho, akekho owesonto. INkosi yavele yangiholela lapho. Babengazi lutho ngombhaphathizo kaMoya. Ukhuluma ngeZulu lasemhlabeni, uthando lwazinza njengoba selwenzile manje. Ngathi, "Manje sizoqala umugqa womkhuleko." Ngathi, "Nonke nina eninamakhadi omkhuleko," aqala enombolweni ethile, "yima ngakwesokunene sami." Babamisa emgqeni. Cishe umuntu wesibili, kwakuyinenekazi liphethe ingane encane ekhubazekile, intombazanyana. UMoya oNgcwele uqala ukukhuluma ngakho. Futhi inenekazi elihlezi opiyanweni, lalidlala:

> INyanga enkulu manje iseduze,
> UJesu onozwelo,
> Ukhuluma ezinhliziyweni eziyethile ukuba
> zithokoze,
> Alikho elinye iGama kepha elikaJesu!

124 Esagijimisa phansi lezo zinkinobho zamazinyo endlovu. Nganginebhodlela elincane lamafutha ephaketheni lami, engangilenzile. Kwakungamafutha omnqumo aphuma esihlahleni somnqumo. Futhi ngaphuma futhi ngakhulekela abagulayo ngalobobusuku, futhi ngangena eMoyeni futhi ngaqala ukukhala, izinyembezi ziqala ukugijima ebusweni bami. Nganginalamafutha, ngakho-ke ngathola ukuthi lamafutha aye. . .izinyembezi zikhafulela kulamafutha. Ngahamba ngase ngithola ezinye izakhi ezintathu, ukugula okuncane. . . izakhi, futhi ngagcoba kuyo. Ngathatha ngase ngigcoba intombazanyana ngalokho.

ngabeka izandla zami phezu kwayo. Ngathi, "Baba waseZulwini, UyiNyanga enkulu, futhi nakhu lapho Okhona manje." Futhi intombazanyana yabuka ngakimi, yatshikiza, yagxuma yaphuma engalweni yami, yashaya phansi, yehla yagijima yanqamuka kwiphansi. Umama wayo waquleka; eDunkard. Futhi inenekazi elisopiyaneni laqalaza, futhi laphenduka laba mhlophe impela futhi lavele laquleka. Futhi upiyano lwaluqhubeka nokudlala:

> INyanga enkulu manje iseduze,
> UJesu onozwelo,

Ukhuluma ezinhliziyweni eziyethile ukuba zithokoze,
Alikho elinye iGama kepha elikaJesu!

125 Intombazane encane yaseDunkard ihlezi phandle lapho, ngayiqaphela idonsa umoya wayo kanzima impela. Yayingakaze izwe ngephentekoste. Umntwana omncane omuhle, izinwele ezinde ezimhlophe, ezimhloshana, ezilungisiwe. Niyazi ukuthi bagqoka kanjani, lezozigqoko ezimhlophe kubo. Savele sawa ekhanda layo. Yaphakamisa isandla sayo futhi iqala ukucula. Yayingazi ukuthi yayiculani, yayiseMoyeni kakhulu.

126 Nebandla lonke, nganhliziyonye, liza, likhala izinyembezi e-altare futhi lemukela iNkosi uJesu. NoMoya oNgcwele wababhaphathiza, bonke, othandweni. Ukuthi bakhala kanjani izinyembezi, futhi belungisa, futhi bexhawulana omunye nomunye, kwenzeka. Leyo yipentekoste.

127 UJesu ofanayo ulapha. Manje ungazami ukukwenza... Niyabo, uzama ukucabanga, "Awu," unomqondo wakho kokuthile kude laphaya, futhi mhlawumbe *lokhu*, noma, "Ngizothatha ithuba." Ungahle ubuyele esihlalweni sakho, ngaphandle uma uzinzile engqondweni yakho, "Nakho-ke!" Uma uthola lokho, sekuphelile. Kuze kube yilokho, kusekhona.

128 Manje uma nithanda, khuphukani ngqo nisondele ngangokunokwenzeka e-altare, futhi nigcwalise izindawo. Ngizocela uMfowethu Neville ukuba angisize. Nanka amafutha okugcoba; Ngifuna uMfowethu Neville agcobe ngamunye njengoba ngibeka izandla phezu kwabo. Manje uma ukukholwa ngempela, yilokhu-ke! Kholwa ngempela ngenhliziyo yakho yonke. Manje asicule phansi ngempela, sonke ndawonye, njengoba sicula manje, *INyanga ENkulu*.

INyanga enkulu manje iseduze,
UJesu onozwelo,
Ukhuluma enhliziyweni eziyethile ukuba ithokoze,
O, yizwani iPhimbo likaJesu.

Inothi elimnandi eculweni leserafi,
Gama elimnandi kunawo onke olwimini lwabantu,
Ihubo lokuthokoza elimnandi kunawo onke asake aculwa,
Jesu, Jesu obusisiweyo.

Manje amakhanda enu ekhotheme.

Hambani ngendlela yenu niye eZulwini ngokuthula,
Futhi niphathe iGama lika...

129 Baba wethu waseZulwini, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo," kusho iZwi. "Futhi u-Eliya

wayengumuntu onjengathi ngokudabuka." Futhi, Nkulunkulu, kwangathi singelokothe, singalokothi sibe necala lokwenza iVangeli libe lukhuni kangaka kubantu ukuthi bacabange ukuthi kwakungumuntu esikhundleni sikaNkulunkulu. Manje sizovele silandele umthetho kalula. Futhi ngalamaculo namahubo, siye sangena ebudlelwaneni obubusisiwe omunye nomunye. Ngakho, sinomPristi oMkhulu ozenathi, Uye wangena kanye nathi, futhi Angathintwa umuzwa wobuthakathaka bethu. Abaningi bami e-altare kulokhu ukusa, abaswele. Futhi ngithumela inceku yaKho ethandekayo nehloniphekile, uMfowethu Neville, indoda ehloniphekile, elungile; njengo-Eliya, eba nokufisa njengo-Eliya, sonke. Futhi ngiyathumela.

130 Wena uthe, "Mababagcobe ngamafutha, babakhulekele," *bona*, uMzimba wabo, "umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." Futhi ngikhuleka ngayo yonke inhliziyo yami, Nkosi, ngomuntu ngamunye lapha. Uyasazi isidingo sabo. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzobaphilisa.

Manje, uJakobe waloba lokho eBandleni, ngaphansi kokuphefumulelwa kukaMoya oNgcwele ekunikwe nguNkulunkulu, okwabunjwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

131 UJesu, ephuma, wathi, "Bafanele futhi babeke izandla zabo phezu kwabagulayo, futhi bayosinda."

132 Njengoba ngithumela umfowethu ukuba enze umsebenzi uJakobe awuyaleza ngoMoya oNgcwele, ukuba agcobe; siyabuya futhi ngokuthuma kweNkosi uJesu noMoya oNgcwele, ukubeka izandla phezu kwabo. Futhi bayosinda.

133 Manje, Nkosi, ngayo yonke inhliziyo yami, futhi baningi abantu kulokhu ukusa abahlanganyela nami, ngawo wonke amandla ami, nangawo wonke amandla ami, ngikhulekela umkhuleko wokukholwa kuwo wonke umuntu omi lapha, becela ukuthi ngeke babe nanoma yikuphi ukungabaza engqondweni yabo, kodwa bayobuyela ezihlalweni zabo benethemba eliqinisekile neliphelele lokuthi ukuthuma kukaNkulunkulu kunikezwe bona, neZwi laKhe liqinisekile ukuthi liyobonakaliswa ekuphilisweni kwabo. Ngikhulekela lesisibusiso kubo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

134 Manje wonke umuntu akabe. . . [Akuqoshwanga eteyipini. Umshiyi wopiyano uyadlala, *Kukhona Umthombo* nelithi *INyanga ENkulu,* ngenkathi uMfowethu Branham noMfowethu Neville bekhulekela abagulayo. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

135 Lapho ngikhulekela intombazane encane futhi ngiprofetha phezu kwayo, mayelana nento enkulu enamathele ekhanda layo naphezu kobuso bayo *lapha*, ukuthi yayizokwehla kanjani futhi iphile. Nansi intombazanyana, nakho konke okuncinyane kwayo kungasekho, ebusweni bayo nakho konke

okunye. Umama uletha, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, nokukhombisa ukuthi komile konke, lutho kodwa utwayi nje. Dadewethu, uJesu wathi ngesinye isikhathi, "Ebengekho yini abayisishiyagalolunye abaphulukiswa na?" Omunye eze futhi anikeze inkazimulo, niyabo. Bonga uNkulunkulu ngakho. Manje, s'thandwa, izinwele zizokhula emuva kwalokho. Khumbula ukuthi uMfowethu Branham washo kanjani kuwe phezulu lapho ngalobobusuku, futhi uyophila ngokuphelele futhi ngokujwayelekile.

Futhi siyakhothama ukubonga uNkulunkulu.

136 Manje, Baba, siyaKubonga ngokuphulukisa kwaKho. Futhi siyaKubonga ngalowo mama othembekile nentombazanyana ethandekayo, owayezimisele ukuza futhi akhombise ukuthi uJesu usaphila futhi uyabusa. Ukubona leyo enkulu, into ebukeka kabi njengomdlavuza, ikhukhumele phezu kwekhanda layo naseceleni lapho, futhi Wena wayiphulukisa futhi wakususa. SiyaKubonga ngakho. Futhi siyakhuleka manje ukuthi Uzobusisa lowomama oqotho, onhliziyo yakhe iyaxhuxhuma. Lapho intombazanyana ingowesifazane, kwangathi ingaqhubeka ifakaza ngodumo lwaKho.

137 Manje ngiyaqhubeka nokubeka izandla phezu kwabagulayo, njengoba mina nomfowethu sigcoba. Futhi kwangathi bangamukela uhlobo lwesibusiso olufanayo njengoba lentombazane encane yenza. Uma nje bebengakukholwa ekukholweni okunjengokomntwana, njengoba kwenza umntwana, kufanele kube njalo.

[UMfowethu Branham noMfowethu Neville bayaqhubeka nokukhulekela abagulayo. Akuqoshwanga eteyipini.—Umhl.]

138 Kuhle kakhulu. Ngijabule kakhulu kulokhu ukusa, ukuthi besisesikhathini sokukhonza nokuba nalesi sikhathi sokuhlangana ndawonye, omunye nomunye, ngenkathi iGazi leNkosi uJesu lisihlanza kuso sonke isono. Futhi ngi . . .

139 Kubafokazi emasangweni ethu, sifuna ukunamukela futhi. Wozani kulobubusuku, enkonzweni yakusihlwa. Uma usedolobheni futhi ungathanda ukubuyela emuva futhi ube nathi futhi kulobubusuku, ngingajabula kakhulu. Iminyango ihlale ivuliwe. Asinahlelo, asinasivumokholo . . . uKristu, akukho mthetho kodwa uthando, futhi akukho ncwadi kodwa iBhayibheli. Futhi sifuna wena, siyakumema, futhi umenywa ngenhliziyo enhle.

140 Futhi ngiyabuza futhi, njengoba niqhubeka nohambo lwenu, lapho nisuka edolobheni lakithi nasezindaweni ezahlukene zezwe, ukuba ningikhumbule emkhulekweni wenu, njengenceku kanye nani kuKristu, naso—nasothandweni nasenhlanganyelweni kaMoya oNgcwele. Ngifanele ngihambe maduzane manje, uku—ukuba ngiye eCanada, naseCalifornia. Eqinisweni, ngithuthela eCalifornia. Ngakho-ke ngi—ngifuna

ningikhulekele, ningikhulekele kakhulu, manje yilapho ngiba nokuthile okufanele ngenze isinqumo ngaso leso sikhathi, niyabo, futhi kukhandla kakhulu, futhi ngi—ngi—ngikhulekela ukuthi nizo—nizongithatha enhliziyweni yenu futhi ningikhumbule. Ngoba, ngiyazi ukuthi umkhuleko yilokho okuguqula izinto. Umkhuleko yilokho okusenzela izinto.

141 Futhi manje, namuhla, ngi—ngiyaxolisa ukunigcina kuze kube leyithi kangaka, futhi ngigcina umfowethu othandekayo, umelusi lapha, kude nepulpiti lakhe. Ngiyaxolisa kakhulu, kodwa mhlawumbe angazi. . . Ngifanele nginyakaze ngokushesha khona manje. Futhi angibonanga lutho ukuba kube yizingxoxiswano ezincane, kubekwe phezu kwedeski. Kodwa ngenkathi umelusi esahlola. . . Umfowethu uvela le eNgilandi, wathi, ukuzongibona imizuzu embalwa nje. Futhi ngifuna ukubona umfowethu. Ngifisa sengathi ngibe nesikhathi sokuxhawula izandla zenu futhi nginibone nonke, kodwa angikwazi. Manje, ukuze uthole i—ingxoxiswano encane ngalokhu ukusa uma ngilapha, shayela unobhala wami ucingo, UMfowethu Cox ohlezi lapha, futhi unikeza lezozinto. Yingakho sifanele senze—sifanele senze isikhathi sethu, ukuze sikwazi ukuvumela lezo zinto. Kodwa lomfowethu, engakwazi lokhu, futhi evela eNgilandi. Ngifanele ngibe kude nalapha emizuzwini eyishumi nambili elandelayo, ngakho-ke ngi—ngi, ya, ngehora leshumi nambili nqo, ngakho-ke ngi—ngifanele ngiphuthume futhi ngihambe. Futhi ngokho nonke ningixolele, ngizoya ekamelweni nomfowethu engxoxiswaneni, imizuzu embalwa. Futhi ngizonibona nonke futhi ngokushesha nje lapho ngibuya. Ngikhulekeleni.

142 Izinkonzo manje zizoba se—sePhiladelphian Church, ngoLwesine ebusuku. Sizoba seHholo Elikhulu Lomhlangano, kuleli viki elizayo, ngoLwesithathu ebusuku. (Ngiyabonga mnumzane.) Sizoba se—e—iFull Gospel Christian Men's Fellowship, Internationally. Futhi ngizokhuluma ebusuku be. . . ekuseni lwezingamashumi amabili nantathu, eLeami-. . . Hhotela e—eMinneapolis, eMinnesota. Bese kuthi-ke eHholo Elikhulu Lomhlangano, ngicabanga ukuthi yilo, ngokulandelayo, ngalobobusuku, lokho kungoMgqibelo. Futhi kuqhubeke nge—ngeSonto, ngiseHeart's Harbour Tabernakele noMfu. Gordon Peterson, futhi leyo yinkonzo yokushumayela. Futhi ngoMsombuluko ebusuku, nangoMsombuluko usuku lonke, usengqungqutheleni izinsuku ezinhlanu.

143 Bese-ke ngino ISHO KANJE INKOSI engizoyisa kowesifazane le enyakatho Canada. Futhi ngenyukela lapho, unkosikazi uhamba nami, nezinganyana, isikhashana nje. Ngiyabuya phansi uku—uku, ngidlule, ukubona umngane wami, u-Ern Baxter. Kukhona engizokusho kuye eVancouver. Futhi masinya emva kwalokho, ngehlela eWashington, kuMnu. Rasmussen, usuku olulodwa lapho ukuba ngimvakashele.

144 Bese-ke ngehlela eLa Crescenta, eCalifornia, ukuhlela izinto ezithile ngokohlelo, okungukuthi, itende lami selivele lenziwe futhi selilungele ukuphuma ensimini manje. Futhi ngakho, awu, ngizoqala mhlawumbe oGwini oluseNtshonalanga laseCalifornia, ngehla ngidabula eCalifornia nase-Arizona, kulobubusika obuzayo, iNkosi ithanda; ngaphandle kwesikhathi esivuliwe phakathi kwemihlangano yenkonzo yokungena e-Afrika futhi. UDavid duPlessis kanye namadoda amaningi lapha avela e-Afrika, abafuna ukusungula uMkhankaso wase-Afrika, ubekanye nami kulo mhlangano. Sizohlangana phezulu lapho, sizotholana noMfowethu Arganbright futhi sibe nomkhuleko, ukubona ukuthi umhlangano olandelayo uzoba kuphi.

145 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Khona-ke nifanele ningithande, uma niMthanda, ngoba ngikuYe. Futhi siyathandana. INkosi inibusise.

UMfowethu Neville wethu othandekayo, uNkulunkulu akubusise. Siyabonga ngesikhathi, Mfowethu Neville.

*ISAMBULO, INCWADI YEZIFANISO* ZUL56-0617
(Revelation, Book Of Symbols)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngoJuni 17, 1956, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

